SQ 496.3442 -325ha

ISIQEPHU
SOKUQALA

EPISODE NO. ONE.

Grade...............

Duration............

## UHAMLET. INKOSANA YASE DENMARK.

(Shakespeare)

Umdlalo Wokusakazwa ngomoya.

WRITTEN & PRODUCED By.................

UBALWE WAKHISHWA Ngu

K. E. M A S I N G A.

| PERSONS REPRESENTED | ABADLALI |
|---|---|
| CLAUDIUS King of Denmark | Inkosi yase Denmark. |
| QUEEN | Inkosikazi. |
| HAMLET the Prince of Denmark | Inkosana yase Denmark. |
| Bernardo, Marcellus – Officers | Qmaqhuzu. |
| Francisco, A soldier | I6utho. |
| HORATIO, A friend to Hamlet | Umngani ka Hamlet Inkosana. |
| Voltimand, Cornelius – Courtiers | Izothameli. |
| Polonius, Lord- | Isikhulu. |
| Laertes, son to Polonius | Indodana ka Polonius. |

INDA6A

Ist. DATE OF BROADCAST AT DURBAN....................1954.

March 11th, 1954.

S308 1856

S308 1856



# UHAMLET INKOSANA YASE DENMARK.

Isiqephu Sokuqala

(Shakespeare)

Episode-One.

(6AYAXOXA OMANTSHINGEYANA A6ALINDILE E6USUKU)

BERNARDO Kunjani ndoda usalindile nje?

FRANSISCO Ungu6ani wena ongi6uza loko?Ngo6a yini?Ngikhona.

BERN Awuzwake iqhawe lenkosi.Yimanjalo,nenkosi iphile njalo!

FRAN Bernado?

BERN Nhi?

FRAN Uyashesha ukuzongikhipha lapha emse6enzini nhi?

BERN Sekunguye u 12 manje wase6usuku phakathi kwama6ili sona kanye isikhathi esidedelana ngaso,wena 6ese uyakolala Francisco.Hamba uyolala ngani wami.

FRAN Hawu(ezamula) wangisiza kumakhaza kangaka namhla.Kade ngifisa uku6a ngisheshe ngiyolala,kanti nomoya waminje awukhululekile namhlanje.

BERN Kodwa awuhlushwanga lutho kulokuhlwa kwanamhlanje?

FRAN Nolu-nci.

BERN Cha,sala kahle.Uma ungase u6a6one o Horatio 6eno Marcellus,a6anye a6alindi u6o6atshela 6angawudondeli kangaka umse6enzi wa6o nesikhathi sokufika.

(KUZWAKALE U6UHOMUHOMU KUDANA 6A MAZWI)

FRAN Ngo6ani la6o a6ahomuzayo?Yimani ngizwe kahle!

HORATIO Yishoni 6ontanga!

MARCELLUS Ha,yishoni maqhawe ezwe lakhithi!

FRAN Hawu,salani kahle ngiya kolala manje kade ngilindile emse6enzini wenkosi yethu 6onke u6usuku.

MARC Uhambanje ngu6ani ozokukhumula emse6enzini?

FRA Ngu Bernardo.Salanike. (aphume)

MARC We Bernardo!

BERN We!

MARC Ukhona lapho uHoratio?

BERN Hawu,sani6ona madoda no6a6ili nino Marcellus.

MARC Ye6o saku6ona nawe! Kunjani?Leyonto ike yavelanje futhi kusihlwa ngesikhathi nilindile singakafiki?

BERN Cha,lutho,akuvelanga lutho noluncі!

Isiqephu Sokuqala

UHAMLET

Episode One.

MARCELLUS Waphu, uHoratio uthi siyabudanje ngumoa6ango nje lowo esiwu 6onayo, yena uthi akanakukholwa yize elinjalo.
Ngithe nxa ngimuzwa esho njalo ngathi akeze azolinda kanye nathi azi6onele ngamehlo akhe namhla kusihlwa;
Futhi yena uthi uma sike safika ekhona leso sithunzela thina esikholwa ukuthi isipoki-noma umungcu, yena uthi uyo xoxa naso, futhi uthi kulapho eyofakazela kahle amehlo ethu.

HORATIO Hawu, suka ngekenje ize yenzeke into enjalo, thula kade ukhuluma ize leze. Ngeke size siqhamuke leso sipoki ngo6a asikho noku6akho.

BERNARDO Akewuhlale phansi kesikuchathazele ezindle6eni zakho esiku 6onile thina ngo6usuku o6u6ili silindile lapha, noma ngiku 6ona nje ukuthi ukuthi awufuni nokuyizwa, nokuyilalela leyo nda6a enjalo wena.

HOR Kulungile phela asihlale silalele uBernardo esixoxela amawongowongo akhe.

BERN Izolo kusihlwa ngesikhathi izinkanyezi ezikhanyisa kakhu lu sisathe ukuthi sitha6ezi, thina sino Marcellus 6esimi lapha sibeke laphaya, sezwa insimbi yesikhathi ishaya u "wani", --sa....(amnqume ulimi omunye)

MARC Thula, thula, akewubeke, nasiya saqhamuka futhi, bekake! Uya6o nake?

BERN Ho! hawu we 6a6o! saze safana nenkosi isaphila, kumane yi yonanje inkosi eyafayo.

MARC Wena H oratio ngo6a uyisifundiswa ake ukhulume naso lesipo ki esifana nenkosi efileyo.

BERN Uthinike Horatio Manje? Asifani nenkosi efileyo lesiya sipo ki?

HOR (ngokwesa6a) Impela sifana nayo ka6i, futhi kuyangesa6isa lokufana okunje madoda.

BERN Ngase ku6e sifuna ukukhulunyiswanje? (ngokwesa6a)

MARC Khuluma nas o Horatio wena oyisifundiswa. ( " )

HORATIO Ungu6ani wena ohamba ngalesikhathi?
Futhi wenziwa yini uku6a u6onakale uhlo6e ngezingu6o ezazi gqokwa yinkosi yase Denmark eseyakhothama?

(Nya-)

Ngithi khuluma!

MARCELLUS Hmn, sinengiwe yilawo mazwi.

BERNADO Impela ngo6a nako njalo uyasi6ona siyanyamalala.

HOR (ngenkani) Musa ukunyamalala, ngithi khuluma, khuluma, khuluma 6o!

(sinyamalale nya-)

MAR Sasinyamalele, asifunanga nokukuphendula.

BERN Kunjanike manje Horatio, usasho ukuthi siyabuda ngokukutshe la ngalesipoki? Usasho ukuthi sikholwa yize? Naku nawe sewu ngqangqazela sewesa6a. Uthinike manje?

Hor Kodwa ngu6ani ongakholwa ngokutshelwa into efana lale nga phandle koku6a azi6onele?

MARC Asifani nenkosi lesipoki?

HOR Njengaloku wazi nawe:
Yiso kanye isihlangu lesiya eyafa isiphethe inkosi yase Denmark mhla ilwa impi yase Norway;
Yiso kanye ayethi nxa esiphethe athi nxa ekhuluma ahwaqa6a le. Nalesithunzi esisi6onayo esakhe.
Wo, ngimkhumbula mhlazane ehla6ana empini yase Polacks eya yiliwa phezu kwamakhekhe6a eqhwa.
Hmn, isimanga lesi.

MAR Thina sesimu6one ka6ili enjengaloku enje, a6uye anyamalale.

HOR Impela angiwazi umqondo ongase wenziwe ngalenda6a,
Kodwa ingqondo yami ingitshela ukuthi lento iyi6ika eli ngumnyama esizweni sethu sonke.

MARC Ngithi mina akewungitshele mhlaumbe uyazi ukuthi kona loku linda kwethu okungapheliyo kushoni? Yini lena eyesatshwayo?

HOR Uya6ona mhlo6o wami, akusizo izinto ezinkulu zodwa ezihlu pha a6antu a6akhulu......hawu...(ethuke anqamuke)---

KUQHAMUKA ISITHUNZELA SESIPOKI

Hawu naso futhi isithunzela sesipoki siqhamuka, akewuthule--

UHAMLET

HORATIO Yima khona lapho sithunzi ndini.Yima khona lapho,ungu6ani? Uma ukwazi ukukhuluma khuluma sizwe ukuthi ungu6ani: Uma kukhona othanda uku6a ukusho kusho noma ku6i noma kuhle,noma kuzosiza wena noma kuzosiza thina-khuluma! Uma mhlaumbe kukhona ameshwa o6one sengathi azo6akhona esizweni sethu se luleke.Khuluma! Uma kukhona mhlaumbe ifa lakho owalishiya ungala6anga li sho sizwe ukuze sikusize; Mhlaumbe kukhona owafa ungakukhulumanga asazi.Khuluma!

(KUZWAKALE UKUKHALA KWEQHUDE)

MARCELLUS Kahle ngisishaye ngenduku yami nansi!

HOR Hawu, sanyamalala.

BERNADO Ungathi sinyamalele kanti sisekhona sizifihlile nje.

MAR Kodwa madoda sisiphoxile lesiya sipoki kanti si6ukeka sitho6e kangaka;futhi sine siqu nesigu6o so6ukhosi; Futh ike anokhumbula nina enithi nizosishaya ukuthi sona asishayeki;ukuthanda ukusishaya ngenduku isipoki ukuzi buqa nje.

BERN Niyazi ukuthini? Ngesikhathi sinyamalala 6ese sisokhuluma, sethuswe ukukhala kweqhude. (KUHLEKWE)

HOR Cha,impela noma sihlekanje uqinisile u Bernardo ukuthi sethuswe yiqhude,ngo6a njalo ngokukhala kweqhude izipo ki ziya6aleka ngo6a ukukikilida kweqhude laphakathi no6u suku lisho ukuthi sekuyasa,nazoke izipoki 6ese zi6aleka ziqonda emigodini yazo zingaze ziselwe.

MARC Ngempela sinyamalale ngaleso sikhathi sona; Loko kusho kwakho kungikhumbuza inda6a eshiwoyo kakhulu ethi kuye kuthi njalo ngosuku lokukhumbula ukuzalwa kuka Jesu Krestu izinkuku zikhale zinganqamuki,uma kunjaloke kuthiwa izipoki ziyanyamalala ngo6a ziye zidideke noma kanti ngalelolanga ukuhlwa akukho ukusa kodwa yini na! Okusho ukuthike kuhambeka kahle ngalelo langa izipoki zingekho-

MAR.CELLUS ........Ngosuku lokuzalwa kuka Jesu Krestu akuhambi mkhovu, akuhambi 6athakathi phandle ku6a ngusuku olu6usisekile– O,mngani wami,ku6a yisikhathi somusa leso!

HORATIO Hmn,ye6o ngiyakholwa yinxenye yaleyonkulumo oyishoyo. Wo,he waxoxake mngani wami kwaze kwabeja ezansi ukusa; Uya6ona lemi6ono yethu esiyi6onile lapha kulokuhlwa asifike siyixoxele yonke uHAMLET,ngo6a noma singakhulumi nje kithi na hleze sikhulume kuyena.Uthini?Uyaphika noma uyangivumela? Impela siyo6e sifeza umse6enzi wethu.Uthini ntangayethu?

MARC Ngiyavuma impela,futhi ngiyazi lapho singamfica khona namhla nje.

INDA6A Kwa6ayinto enyantisa imizimba ya6antu 6onke 6esizwe uku6a kuthi emuva kwesikhashana esincane ifile inkosi yase Denmar k,umfelokazi wayo u GERTRUDE ashade nomfowa6o wenkosi eyayi khotheme yogama lakhe lalingu CLAUDIUS;

U Claudius lo oshada nomka mfowa6o ofileyo uthatha u6ukhosi nje akana6o u6untu o6uncomekayo no6uthandekayo esizweni so nke esasi6uswa ngumfowa6o.

UClaudius lo wayengumuntu ongena6uqotho,engenaso isigu6o, nemfanelo yoku6a a6e yinkosi emuva komfowa6o .

Kwahlala kunuka kwasantungwana yokuthi inkosi umfowa6o yayi gunyathwe nguyena wayi6ulala ngo6a wayethanda ukushada no mkayo–indlovukazi yase Denmark ukuze phela naye uClaudius enyukele kahle eku6eni a6e yinkosi yase Denmark ngo6a eshade neNdlovukazi yakhona.

Kulokukwenzake wayeqonde uku6a indodana yomufi engu Hamlet ingalidli ifa layo lo6undlalifa 6oku6a i6ekwe i6e yinkosi yase Denmark.

Ye6o,6a6ehluphekile 6onke ngokufelwa yinkosi ya6o,kodwa uHamlet indodana yakhe yahlupheka yadlula 6onke a6a6ehluphe kile ngo6a uyise yayimthanda kakhulu futhi imkhonzile. Yazila okuningi ukuzithokozisa ngenxa yaleso sifo sika yise; Futhi yayidinwa na ukungaziphathi kahle kuka nina masinyane kangaka uyise efile.

(LAPHA KUSENDLINI ESESIGODLWENI SENKOSI,YINDLU YEMIHLANGANO yako MKHULU.NANSI INKOSI IZA IHAMBA NE6A NDLA LA YO KULO KUKHONA NO HAMLET NE NDLOVUKAZI YENKOSI EFILE)

Kuzwakale ukuhomuzela.

Inceku imemeza Nansi inkosi no mphakathi wayo! Akuthule kuthi cwaka!

(Kuthi cwaka)

KING CLAUDIUS Eh! 6andla,mphakathi wezwe lami,ngini6izele lapha ukuchaza phakethi kwenu nonke ngosizi olusehlele sonke ngokufa ko mfowethu inkosi u Hamlet okusizumile.
Lolusizi siluthwele sonke thina sizwe sakhe;
Siyohlala simukhumbula thina sizwe sakhe sonke njalo;
Nomake 6andla kunjalo sikhala,sizilile,kodwa kwenzekile uku6a mina ngingene indlovukazi yakhe ukuze izinda6a zesi zwe zihambe kahle mphakathi,ne6andla lakwethu elihle.

Okunyeke okubekene nesizwe ukuthi izitha ezazi nqotshwe ngu mfowethu uHamlet ezinjengawo Fortinbras zithi zif una amazwe ayethunjwe kuzona;kodwake kuhle ngo6a ngikhu lumanje nginezincwadi eziphuma kumalume wakhe lomfana uFort inbras ezithi akahambelani yena nalryo mi6ango,yena u6uka ngamehlo a6uka thina.
Menje nansinje eyami incwadi ngiyithumela nezigijimi zami uku6a ziyo6onga loko e Norway.Ngithi ke madoda hambani nga mandla nenhlanhla.

Zihambe Izithunywa

o VOLTIMAND no..........6ayethe Nkosi!
CORNELIUS..............Isiyalezo sakho sizosihambisa njengokusho kwakho.

KING C. Ye6oke madoda okumhlophe endleleni yenu.
Ye6oke Laertes,akengi6uyele kuwena ngizwe ukuthi yini isikha lo sakho na?

LAERTES Nkosi ngicela uku6a ungidedele,ungivumele ngiphindele e France;Nkòsi phela uzokhumbula ukuthi isizathu esasingile the lapha kwaku uku6ekwa kwakho e6ukhosini 6ase Denmark, mina ngingowase France yikoke ngifuna ukuphindela khona nje. Ngicela kuwena ngokuhlonipha uku6a ungivumele ngiphindele khona.

Isiqephu Sokuqala

(7)

UHAMLET

Episode No.One

KING C Uyihlo u Polonius uyayazi,uyayivuma leyonto oyishoyo Laertes na? Khuluma Polonius,yise;uvumile na?

POL Nkosi,6a6a,usengi6elesele ngaze ngahluleka ngavuma; Naweke nkosi yami ngiyakucela uku6a unga6e usamenqa6ela uku6a afeze isifiso sakhe.

KING C. Kulungileke,hamba kahle Laertes,u6e nesikhathi esihle lapho uyakhona.

LAERTES Ngiya6onga nkosi.Usale kahle uchume e6ukhosini 6akho.

INDA 6A Inhliziyo e6uhlungu yokufa kuka yise u Nkosana uHamlet, yamenza uku6a ahlale egqoke izingu6o zokuzila njalo; Noma esembizweni yamadoda eyayinganyelwa ngumfowa6o ka yise uClaudius owaseyinkosi,wayegqoka izingu6o zokuzila. Lezingu6o zokuzila wazigqoka ngisho nangamhla kushada unina mbala wangakhathala ngokuthi akagqoke ezomshado ezikhanya yo,konke loku wayekwenziswa ukuhlushwa yinhliziyo yokufa kukayise okwakungakhanyi kahle ukuthi kwakuyisimakanjani.

Unkosana u Hamlet wayetshelwe ukuthi nguyise kazi u Claudius,uyise inkosi yalunywa yinyoka wafa.Yenake uHamlet wayesola ukuthi inyoka eyaluma uyise yiyonale ehlezi esihlalweni sika yise so6ukhosi,yamlumela khona loko uku6a ihlale e6ukhosini uma seyishade nonina indlovu kazi.

KING C. Hawu,yini Hamlet mfana uhlale wena ugqoke izingu6o eziyi fu elimnyama njalonje?Wa6a yifu elimnyama nje wena njalo yini ndodana yomfowethu?

HAMLET Cha,nkosi yami anginawo umnyama,yikona kukhanya kimi loku.

QUEEN Hamlet,mfana wami ngithi khumula izingu6o zokuzilela uyihlo manje njengathi u6e yisihlo6o som6uso wase Denmark. Loku okwenzayo kufana nokuphumputha uyihlo,umufi othulini lapho wazi ukuthi akakho khona: Ukufa izinto zakhona. Wonke umuntu uyofa ngesikhathi sakhe njengoyihlo.

HAM Ngiyakwazi konke loko.

QUEEN Phoke nxa ukwazi yini uloku ufundekele ngokuzila sesiyekile sonke?

HAMLET Hawu,impela uku6a kuya njengezifiso zomuntu ngaku6e ngithi anginci6ilike ngiphenduke amazolo ukuze ngi6alekele leli hlazo engili6onayo:
Hawu,a6antu 6ashade 6engakazili nezinyanga ezimbili zinga kapheli?Nezicathulo a6a6ezifakile 6eyogqi6a u6a6a zingaka gugi ngaphansi?
Hawu,impela umama uphoxe sonke isifazane sezwe ngalesi se nzo sekhe sokungamuzileli u6a6a futhi ashade nomuntu ongafa nele u6a6a omncane ongenaso nesigu6o so6ukhosi.
Ngisho nesilwane sasendle akusifanele lokuziphatha oku6i kanje:
Ho-he,angithule,ukukhuluma kwami funa kuze kwephule umoya wami owephuke kakade.Lulimi lwami,thula.

(KUNGENE OHORATIO 6ENO MARCELLUS NO BERNARDO)

HORATIO Ha,saku6ona nkosana! (ngokuja6ula okukhulu)

HAM Hawu! nangu uHoratio! Saku6ona mngani wami u6ekwa yini lapha?Nguwe kodwa lona? (ngokuthokoza)

HOR Yimi,ngempela nkosana sona kanye isichaka sakho nomngani wakho.

HAM Hawu,hawu,hawu, ngaze ngaja6ula uku6ona a6angani 6ami! Kodwa akeningitshele no6a6ili nina-Horatio nino Marcellus ni6uyeleni le e Wittenberg?

HOR Seqilenje (asho ngokuhleka) ngo6a singamashinga esikoleni.

HAM: Suka,ngiyanazi ukuthi anisiwo amashinga neze;uma leyonto 6eyishiwo ngumuntu onizondayo 6engizothukuthela kodwa ngo6a kusho nina ngiya6ona ukuthi niyangincokolisa nje.
Kodwa yini?Ni6a6eleni lapha?

HOR Cha,nkosana sizo6ona umngcwa6o kayihlo-inkosi yethu.

HAM Emoyeni wami loko kusho kufana nokungibuqa ngo6a umngcwa6o ka 6a6a wa6a ngumshado ka Ma.Nakoke enithi nizoku6ona.

HOR O,impela nkosana kwakufikela kanzima,ngiyada6uka.

HAM Hawu,uyasho nokusho yini mngani wami! Uthi wake wawu6ona umngcwa6o uphenduka umshado,kudekwe amatafula kudliwe inya ma nezi6ili6oco.Ngixoxa nawenje sengathi ngi6ona yena u6a6a uqo6o lwakhe.

Isiqephu Sokuqala (IO) Episode One.

UHAMLET

HORATIO Sengathi um6onaphinkosana?

HAMLET Sengathi ngiyam6ona engqondweni yami.

Ha, u6a6a wayeyindoda yamadoda uqo6o lwayo. Ngiyada6uka ngo6a ngeke ngisamu6ona futhi.

HOR Mina nkosana ngike ngamu6ona izolo kusihlwa.

HAM U6ani?

HOR Yona impela inkosi.

HAM Inkosi u6a6a?

HOR Nkosana akewuphalise umpya wakho kahle ngikuxoxele okuzo fakazelwa yinampa o Marcellus 6eno Bernardo.

HAM Qhu6a ngizwe.

HOR Seku ngu6usuku o6u6ili kuthi lapho 6elindile o Marcellus 6eno Bernardo 6afikelwe isiqu esifana nomuntu ongu yihlo inkosi yethu engasekho;

6am6ona ehlo6e ngazo izingu6o zakhe zom6utho ehamba ka ncane, 6esa6a ka6i 6angamkhulumisi. Lemfihlo 6ayitshela mina ngedwa. Loku nkosana kwehlakala ka6ili ku6ona kwathi ngokwesithathu nami ngazi6onela ngawami amehlo ngakholwa ukuthi impela kwakuyiyo inkosi uyihlo ngo6a ngiyamazi esaphila kahle-hle.

HAM Ephi?

HOR Lapho silinda khona.

HAM Nakhuluma naleso sithunzana?

HOR Ngakhuluma naso nkosana.

HAM Saphendula sathini?

HOR Asizange siphendule nkosana, kodwa sengathi ngasi6ona si nqekuzisa ikhanda ukuphela;

Angazi noma sethuswa ukukhala kweqhude lokusa yini sa6ale ka ngo6a ngaleso sikhathi kwasuke kwahlokoma izinkuku zo kusa, sase sinyamalala.

UP MUSIC- Record No. 643. IMIMANGALISO-SABC RECD- I'55".

END EPISODE ONE ............ SIYAPHELA ISIQEPHU SOKUQALA

J.P.L.

ISIQEPHU SESI6ILI

EPISODE TWO.

# UHAMLET, INKOSANA YASE DENMARK.

(Shakespeare)

Duration....................

Grade.......................

Umdlalo Wokusakazwa Ngomoya.

WRITTEN &...............UBALWE
PRODUCED ...............WAKHISHWA
By..................Ngu

K. E. M A S I N G A.

PERSONS REPRESENTED..............A6ADLALI

HAMLET, the Prince of Denmark .....Inkosana yase Denmark.

HORATIO, a friend to Hamlet......Umngani ka Hamlet.

MARCELLUS } Officers.............Omaqhuzu
BERNARDO }

LAERTES, son to Polonius...........Indodana ka Polonius

OPHELIA, daughter to Polonius.....Indodakazi ka Polonius

POLONIUS, Lord.....................Isikhulu

GHOST of Hamlet's father..........Isipoki sikayise ka-Hamlet

INDA6A

IST DATE OF BROADCAST AT DURBAN..................1954.

March I6th, 1954.

Isiqephu Sesi6ili

## UHAMLET, INKOSANA YASE DENMARK.

Episode- Two .

(Shakespeare)

HAMLET Inda6a ongixoxela yona ufakazelwa nga6alindo kanye nawe Horatio mngani wami iyangimangalisa yokuthi, niye ni6one isi thunzi esiyisipoki, noma umungowi ka6a6a inkosi engasekho. Konje nithe sanyamalala nini leso sithunzi?

HORATIO Kwahlok oma izinkuku zokusamkwathi uma kukikilide iqhude sanyamalala isithunzi engakholwa ukuthi ngesenkosi uyihlo ongasekho.

HAM Yisimangaliso leso.

HOR Yiso isimangaliso sona impela nkosana, kodwa esiyiqiniso ngangoku6a saze satshelana uku6a siyibale phansi leyonto ukuze singakhohlwa uku6a sifike siku6ikele.

HAM Impela, impela ngiyakholwa enikushoyo noma kungikhathaza emo yeni wami. Nizo6e nilindile kusihlwa?

MARCELLIUS & BERNARDO......(kanyekanye) Kakhulu......ye6o nkosana.

HAM Nithi usuke egqoke izingu6o zama6utho?

MAR & BERN....Ye6o nkosana.

HAM Kusukela phesulu kuye phansi?

MARB & BERN Kusukela ekhanda kuye ezinyaweni nkosana epatanisile.

HAM Heh, u6uso 6akhe na6u6ona?

HOR Wayefake sona isigqoko sakhe esingu mpatsha.

HAM Uma na6ubekisisa u6uso 6akhe, naca6anga ukuthi 6a6unyuku6ele ecanukile noma cha?

HOR Cha, wayengacanukile ngokumu6ona kwami ngingathi okungenani u6uso 6akhe 6a6ungo 6omuntu oda6ukileyo noma ojabile.

HAM 6uphaphathekile noma 6u6ejile 6u6omvu?

HOR Ngingathi 6uphaphathekile kakhulu.

HAM Wanibekisisa?

HOR Noma ngingeke ngasho ukuthi wasibekisisa, kodwa wasibeka.

HAM Wo, 6andleliphakathi, inga6i ngangikhona lapho!

HOR Wawuzo mangala nkosana.

HAM Sahlala isikhathi eside yini?

UHAMLET

HOR Cha.

HAM Cha,impela ngidinga kengiye nami kusihlwa hleze siphinde sivele futhi.

HOR Impela ngiyathemba ukuthi sisazovela futhi.

HAM Umanje sike safana no6a6a,ngiyokhuluma naso,
Angikhathali noma sekungenzeka kuphi oku6i kodwa ngiyokhu luma naso uma sike safana no6a6a.
Niya6onake nina ngo6a nithi lesipoki esifana no6a6a sifika ngo 12,ani6ohamba lapha phakathi kuka II no 12 ukuze sifike ngingedwa qhwa6a,mina ngo6e ngize kinina.

6onke Kulungile nkosana,sala kahleke.

HAM(ukhuluma yedwa)Hawu,konakele,umungcwi ka 6a6a uvela uhlomile!
Impela uma kunjalo loko kuhlola izinto ezinkulu ezizokwehla kala.
Ah,zithulele mlomo wami naw8 mphefumulo wami zotha,kuyozi khanyela.

INDA6A Wahlalahlala eseyedwa uHamlet eca6anga okuningana,eca6anga nango Laertes indodana ka Polonius eyayinendlela yokuhamba iwela ulwandle iya eFrance,kanti nakhona kwa Polonius o Laertes no Ophelia 6a6engce6elekile 6exoxa ngo Hamlet ngesikhathi evalelisa u Laertes-

LAERTES Dadewethu Ophelia usalekahle dade;
Zonke izimfanelo zami sezilungele manje,
Sala wena no Hamlet noma ungudadewethunje kodwa wokwenza izinto wazi ukuthi uyakuthanda lowomfana.

OPHELIA Hawu suka mfowethu,kodwa uHamlet wani yena?
Angimedeleli mfowethu kodwa ngixakwa ukuthi izinsizwa lezi zamakhosi azizikhetheli ziyakhethelwa;
Namike uma ngingakhethwanga nga6aku6o umdlalonje lo.

LAERT Ah,dadewethu nali ikhehla elingu 6a6a seliza,asizothe si lungele elizokusho kimina ngo6a phela ngiyavaleliswa.

POLO Laertes! (uyamemeza)

LAERT 5a6a!

POLO Hlala laphaya phansi ulalele.

UHAMLET

POLONIUS Mfana wami Laertes, ngithi hamba nezi6usiso nomusa okuphindwe ka6ili. Sengathi nomkhumbi lo wakho ozohamba nga wo ungagcwaliswa ngumpya uqonde phambili njalo;
Ngithike mfana wami hamba manje, hamba ngo6a ukuhlala sewuthe uyahamba kuyishwa lokp! Ngithi kuwe ndodana:-
Lapho uyakhona noma kuphi, ungalingi izinto ozica6angayo uzi khulume ku6antu;
Ungenzi lutho ungaluca6angisisanga kahle;
U6ojwayeleka ku6antu 6onke kodwa ungazehlisi ngaloko kwenza;
U6o6a na6angane a6ayingcosane owanelisiwe ukuthi 6aqotho;
Kunga6othi umuntu umqala 6esê umenza umngani wakho;
Ungaxa6ani na6antu, kodwa la6o osewuxa6ene nawe u6ehlule.

AKHIXIZE U LAERTES AKHALE YINDA6A YOSIZI ( 5 secs)

POLO Lalela ndodana musa ukukhixiza ngokukhala. Ngithi kuwe:-
U6oyilalela yonke into eshiwoyo kodwa unga6i yiskhulumi esi yisimpompi cha: Ungehluleli muntu.
Ungayithengi impahla engaphezulu kwemali onayo, ungagqoki izingu6o eziyisicefe: Izingu6o lezo phela yizona umuntu ahlu lelwa ngazo ukuthi uyiliphi; 6engathi zona kanye izice6i zase France azigqoki izingu6o eziyisicefe zigqoka ngokufanele nje.

LUMEHLULE USIZI UMFANA U LAERTES AKHALE KAKHULU(5 secs)

POLO Thula ndodana sengiyagcina manje: Amazwi ami okugcina ngithi:-
Unga6oleki muntu imali futhi unga6olekisi ngemali ngo6a loko koku6ili kuqeda u6ungani n96uhlo6o.
Okukhulu kunakokonke ukuthi,-UNGAZIKHOHLISI WENA QO6O LWA KHO, uma wenzenjalo awusoze wakhohlisa muntu ngo6a iqiniso kuwena liyoqhu6ana kahle njengo6usuku 6uqhu6ana nemini.
Ndodana Laertes hamba nesi6usiso sami esimhlophe!

LAERT Ngiyoyigcina yonke imiyalezo yakho 6a6a ngokutho6eka, ngiya 6onga.

POLO Ngxangazake ndodana uhambe, shesha. Isikhathi asimeli wena.

LAERT Sala kahle Ophelia, ungakhohlwa engikutshele kona.

UHAMLET

POLONIUS Utheni kuwena umfowenu Ophelia, le athi uze ungayikhohlwa?

OPHELIA 6esikade sixoxa ngo Nkosana uHamlet nomfowethu.

POL Eh, kade ngayizwa leyonda6a yokuthi lowomfana unezinkulu mwana kuwena. Yiqiniso yini lelo? Ezani lezo zinkulumo uma kuyiqiniso loko?

OPHELIA Ufuna ngimgane u Nkosana Hamlet 6a6a.

POLO Ho! wekanini useyingane ekhaselezikо ngempela yini kanti? Usakholwa umfana uma esho njalo?

OPHELIA 6a6a nami angezinje ukuthi ngizokholwa noma ngingakholwa na?

POLO Uyakukhohlisa nje lowomfana ngo6a useyintombazane enga nalwazi, musa ukumukholwa neze uyozisola.

OPHELIA Hawu, 6a6a ngingamukholwa kanjani loku uye angeshele afunge aga6elenje athi uqinisile?

POLO Ho, ho, ho, ho uyingane ngempela wena osakholwa ukufunga no kuga6ela ukuthi kuyiqiniso uma kweshelwanwa. Asazi!

OPHELIA 6a6a, ukuqinisa izifungo zakhe uHamlet wafunga IZULU ne zingelosi zalo ukuthi uyangithanda akangikhohlisi.

POLO Wow, he! lezo zifungo zakhe zingu mowowane nje ofana no woku6amba izinyoni neziny amazane uku6a zibajwe.
Lezo zifungwana zakhe eziqhutshwa yinhliziyo elukuzelayo kanti ayinaqiniso elijulile.
Musa manje ukuzenza mningi kuyena. Ungamuniki amathu6a oku6a nixoxe naye njalo. Musa ukukholwa yilezo zifungo zakhe, uyakuyenga, uyakukhohlisa; umuzwa efunga izulunjeke ufuna umethembe kakhulu kanti ukukhohlisa kakhulu.
Yenza izeluleko zami uyophepha Ophelia mntanami.

OPHELIA Amazwi akho 6a6a ngiyawahlonipha futhi ngizowenza.

INDA6A 5a6ehlezi 6elindile a6afana 6o6athathu o Hamlet no Horatio no Marcellus; noma 6a6elinde isi6onakaliso sesi poki sikayise ka Hamlet kodwa 6a6edlulisa isikhathi ngo kuxoxa ngamakhaza ayedlangile ngalo6o 6usuku.

HAMLET Hey,6owethu niyawezwa amakhaza anamhlanje? Asengi6ulele.

HORATIO Hayi,ayantinyela ahla6a njengameva.

HAM Isikhathi sini manje?

HOR Noma ngingeke ngasho,kodwa yiso lesi isikhathi esivama uku 6a sivele ngaso isithunzi senkosi engasekho.

HAM U6ona ngani?

HOR Ngizwa ngegazi nje ngo6a sengiyozela manje;sonke isikhathi uma sesizoqhamuka kufika u6uthongo.

HAM Hmn,hayi,amakhaza ayangi6ulala lapha.

HOR Akewuthule nkosana,akewubeke laphaya,uya6onake?

HAM (emangele) Hawu!hawu,hawu! nansi inqa6a 6o!

HOR Uyazi6onelake?Nasoke isithunzela esikholwa ukuthi siyisipo ki sika yihlo.

HAM O,Nkulunkulu nezingelosi zakho,si6usise ngo6a asazi noma lomoya esiwu6onayo lapha ungomuhle noma ungomu6i yini na? Moya,ngithi noma ungase u6e ngumoya omu6i kodwa ngizokhulu ma nawe ngiku6ize ngithi HAMLET,Nkosi 6a6a,M'Dane wakomkhu lu:Ngiphendule!
Ngitshele ukuthi kukanjani uku6a sithi sakugqi6a,sakushaye lela engcwa6eni lakho sakukinatela ngamatshe awomabula,kodwa siku6ona usulapha manje?Yisho 6a6a,yisho nkosi yase Denmark ukuthi uku6akhona kwakho lapha kushoni?Uthi asenzeni?

HOR Naso sikuqhwe6a nkosana.(uyenyenyeza) Kuhle uyekhona kuso wedwa ukuze sixoxe nawe ngokukhululeka izinda6a ezinkulu.

MARCELLUS Uyasi6ona simuqhwe6a sithi ukwenza sikhomba phambili okuso 6ala ukuthi sifuna uku6a 6aye 6uqamamana.Hayi,cha ngiyala mina akangahambi unkosana Hamlet ukuya kusona.

HOR Cha,impela nami ngiyesa6a akangahambi naso ngo6a naso simu khomba phambili .

HAM Uma singakhulumi siloku singikhomba phambili ngizosilandela.

HOR Cha,nkosana cha ungasilandeli.

HAM Ngabi?Yini engingayesa6a kusona?Akukholutho umuntu adinga ukulwesa6a esipokini ngo6a umoyanje.Uma siqhwe6a futhi ngi zosilandela.

HORATIO Ungathini nkosana uma sikuyisa esiweni siyokuyelisela khona? Nomanje sikuyise obukwini oluthize sifike siku thele khona, nomanje sikusanganise ikhanda?

HAMLET (anganaki) .......Sisangiqhwe6a, cha angiye kusona.

MARCELLUS Cha, nkosana ungasilandeli 6o.-

HAM Yiya, susa isandla sakho wena musa ukungivimbela.

HOR Hlala phansi musa ukuya esipokini.

HAM Yiya nina ngiyekeni. Uma singi6izela amashwa ngawami, nxa singi6izela inhlanhla kuyo6a ngeyami, aninanda6a ngiyekeni, ani6oni singiqhwe6anje.

KUHUSHE UMOYA

HOR Cha senze kahle samdedela ngo6a u6esezimisele ka6i.

MAR Ngithi mina asimulandele ngenkani singamudedeli nesipoki anyamalale naso.

HOR Asithulenje si6one isiphetho salento.

MAR Hayi, cha, impela zimbi izinda6a ezweni lakithi lase Den-mark, angikaze ngiku6one mina oku nje.

HOR Cha, ntangayethu sekuyolamula izulu asizithulele thina.

MAR Cha, kuyolamula izulu lani asimulandele siyo6ona ukuthi isipoki simuqhwe6a nje simuyisaphi siyomenzani?

HOR Myeke uyozibekela umuntu lona uyindoda akasiyo i ingane. Hlala phansi wena lapha.

KUHUSHE UMOYANA

Uyamemeza uHAMLET Hey, kanti ungiholelaphi, ngiyokulandela ngize ngifikephi kanti? Anginakuqhu6ekela phambili kwalapha nempela, khuluma!

GHOST (ngezwi elihoshozelayo):.....Uyangi6ona?

HAM Kahle-hle.

GHOST Isikhathi sami soku6a lapha sesicisha ukudlula, sengifanele ngihambe.

HAM (asida6ukele) Hawu 6andla!

GHOST Musa ukungida6ukela, ngithi ngilalele kahle engizokutshela khona uvule kahle izindle6e zakho.

UHAMLET

HAMLET Khuluma ngizozwa!

GHOST Ngithi ngiphindisele ngesenzo engenziwa sona.

HAM Ngikuphindileni yona?

GHOST Lalela,ngingumoya kayihlo ongasekho,
Mina ngingumoya kayihlo ongasekho,
Ngisa6uyiselwe ukuzokhuluma izinto engithanda ukuzisho kuwena ezingamaoala odinga ungisize ubekane nawo egamni lami.Ngingumoya kayihlo,uma wawungithanda uzokwenza loku engiku shoyo.

HAM Ho-he! kazi yini Nkulunkulu wami!

GHOST Ngiphindisele kwa6angi6ulalayo ka6i isikhathi sami singa kafiki.

HAM Ngoku6ulawa kwakho?

GHOST Uku6ulawa kwami kwenziwa ngo6unono 6o6uchwephesha o6u phambili kakhulu ndodana yami ukuze kunga6onwa nakisi phi isiphenyi salemfihlo.

HAM Ngisize ungisheshisele leyonda6a ungitshele yona ukuze nami ngisheshe ngiyenze ngokuphazima kweso into othi angiyiphindisele ngoku6ulawa kwakho oku6i.

GHOST Ngiya6ona impela ukuthi unamandla okungiphindisela ngo6a usemusha usenamandla o6usha,
Hamlet! ngithi zwisisa kahle engikushoyo!

HAM Ngilalele 6a6a!

GHOST Ngingakafi,kwathi ngicambalele ensimini yami yezimbali,
Ngalunywa yinyoka;loko kukunywa kwami yinyokake yiko loku osekuphekule zonke izikhuni zase Denmark.
Ngithike qonda ukuthi leyonyoka eyaluma mina yihlo seyi gqoke umqhele wo6ukhosi 6ami,ihlezi esihlalweni sami mina yihlo so6ukhosi iya6usa iyinkosi leyonyoka manje.

(athukuthele) uHAM Ho,ho ho,ho,ngangimane ngamzindlekela u6a6a omncane ukuthi ngiye lona owa6ulala u6a6a ngo6a efuna u6ukhosi 6akhe,nempela nguye ohlezi esihlalweni sika 6a6a so6ukho - si egqoke umqhele wakhe wo6ukhosi-ho,ho,ho-yeka imihlo lo.....

GHOST Hawu,ndodana yami nguye impela uyihlo omncane isilokazana esi ngenasimilo neze,

Ngenxa yesimilo sakhe esi6i,no6unyoninco 6o6uqili 6akhe o6u ngenasimilo wedusa unyoko indlovukazi yami uku6a imqome mina ngi6ulawe: Kwema kanje mfana wami:

Uyazi ukuthi kwakungu mkhu6a wami uku6a kengithi ukucambalala ensimini yami yezimbali ngithole isihlwashana njalo ngesikhag thi santambama:

Kwa6a yileso sikhathike lapho uyihlo omncane,umfowethu athatha umuthi wo6uthakathi wawuthela endle6eni yami,lowomuthi waha mba nayoyonke imithambo yegazi lami yoma khehle ngafa ngoku shesha ngo6a lowomuthi unesihlungu esisheshisayo ukumu6ulala umuntu.

(...thukuthe ...le) uHAMLET Kwanele 6a6a ngidedele ngiyom.....(amnqume ulimi)

GHOST Kahle ndodana yami Hamlet ngikuxoxele kahle yonke inda6a njengalo injalo:

Ngithi kuwena yenqa6a uku6a umhqele wami ngingu yihlo wemuke kimina uye kumuntu owuthole ngesimilo esimbi kangaka ngo6a akuzange kwenzeke loko lapha ezweni lase Denmark.

(akhale uHAM.... 6a6a,6a6a,6a6a,kwanele mina ngiya kuyena khona manj....(nqam)

GHOST Pholanje ndodana ngikuxoxele kahle ngifeze,musa ukufudumala ngo6a funa wone izinto:

Ekungiphindeliselenі,ungamhluphi unyoko neze yena u6omyeka uyojeziswa yiZULU eliphezulu,uze umyeke unyoko aze ahlatshwe yilezo zingcijі zameva ayobekana naye. Sekuyasa mfana,seku beja ezansi,ngifanele uku6a ngihambe manje.

Mfana wami Hamlet ungangikhohlwa neze,ungiphindisele kuyihlo kazi owangi6ulalayo–hamba kahle ndodana uphumele,ha,ha,hamba kahle mfana wami.

HAM 6a6a,6a6a ngiyafunga ngiyaga6ela ngeZULU nezidalwa zakhona ngithi ngizodela zonke izinja6ulo ezikhona kuwo wonke amagu mbi enhliziyo yami zo6usha ngenze loku okushiwo nguwe.Ngeke ngize ngihlekise noma oyedwa umuntu wase Denmark ngize ngife ze konke loku.

HAMLET Kanti umema engizala angimazinje ungumuntu ophansi, omu6i, okhohlakele kangaka. U6uso 6akhe o6umamathekayo kanti 6e6u godle u6u6i! Hamba kahle 6a6a kulungile-hi, hi, hi, hi........
(AKHALE ABO6ULMKE KAKHULU UHAMLET KWETHUKE IZINCEKU ZAKHE ZIKUDE ZIMEMEZE ZITHI MHLAUMBE UMI KA6I)

HORATIO & MARCILLUS (1) Yini nkosana (2) Kwennzenjani nlosana (1) Yini na!

HAM (ekhala ememeza) Hamba kahle 6a6a, izithembiso zami ngozifeza zonke.

(QATHATHA O HORATIO 6eno MARCELLUS)

MARC Kunjani nkosana?

HOR Zimi kanjani izinto nkosana?

HAM Hawu, ziyamangalisa ! Isimangaliso!

HOR Akewuxoxe nkosana sizwe!

HAM Cha, anginakuziphathela eziko, funa zande.

HOR Cha, mina ngeke nkosana nginesifu6a sokufihla izinda6a.

MARC Nami nkosana nginesifu6a ngeke ngayisho inda6a eyimfihlo.

HAM Hawu, nithi kodwa nake nayi6ona inhliziyo yomuntu enje?

HOR &MARC Hawu, hawu, hawu nkosana xoxa sizwe wena we nkosi.

HAM Imihlolo le mina engingazange ngiyi6one! Angizange ngimu 6one umfokazana omu6i nokhohlakele njengalo engizonitshela yena uma sengizothile ngaphumula kahle.

HOR Impela nkosana akudingi noma size sitshelwe ngovuka emathu neni ekufeni ukuthi kukhona inkohlakalo enkulu ekhona la pha ezweni lase Denmark.

HAM Cha, kukungile madoda, nani niyazi6onela ukuthi izinto zimbi; Kuhle ngixhawule sehlukane 6ontangayethu:
Nani qhu6ekani nowenu umse6enzi nami ngiqhu6eke nowami ongi cindezele emoyeni nasenhliziyweni.

HOR Hawu, nkosana lawomazwi akho akasinelisi ngo6a akasho lutho kithina olunotho.

HAM Ngiyada6uka impela uku6a ngisho into engena nkulumo echachi le ngenxa yoku6a ikhanda lami ligowele izimiso ezithize ezi ngakahlaziyeki kahle.

HOR Cha, ungaphatheki ka6i nkosana asisho ukuthi uyabeda cha yingo6a silangazelele izinda6a kuwena .

UHAMLET

HAMLET Cha anginisoli ngalutho ngo6a izinto zimbi madoda; kodwanje ngithi kinina njenga6afana a6afundisiweyo, na6anga 6angani 6ami kanti futhi ningama6utho,
Thembisani ukuthi ngeke nayisho kumuntu into engimgase nginihle6ele yona.

HOR Cha, cha ngeke nkosana.

HAM Ngithike kinina ningalingi nixoxele a6antu ngeniku6one ngalo6u 6usuku.

HOR & MARC Hawu, hawu nkosana ngeke.

HAM Fungani

HOR Isiminya nkosana ngeke mina ngiyidalule leyonto.

MARC Nkosana ngifunga ngokulunga nokwethembeka konke ngeke ngeyi sho leyonto noma iku6ani.

HAM Mina konke engizokwenza ngikufungela ukuthi ngizokwenza ngifunga inkemba yami.

IZWI(isipoki) FUNGA KAKHULU

HAM Wozani madoda nixhawulise inkemba yami nifunge ukuthi nizo 6aqotho ezifungweni zenu.

IZWI(isipoki) FUNGANI ISIMINYA

ONKE Siyafunga lizwi elinga6onakali njengemvukuzane, siyathembisa ukuthi sizo6aqotho ezifungweni zethu.

HAM Susani izandla zenuke madoda akithi enkembeni yami.

HOR Impela, impela lesi yisimangaliso.

HAM Kade ngangikutshela ukuthi nazo izimangaliso zidinga ukuni kezwa indawo yazo empilweni yomuntu-

ngo6a

Ziningi izinto nezidalwa phansi emhla6eni nase zulwini ongazange ufundiswe ngazo noma uyisifundiswa esikhulu kangakanje Horatio.

IZWI(isipoki) Ningakhohlwa izifungo zenu.

HAM 5angani 6ami, zihlo6o zami asihambeni nemilomo yethu siyi6a mbile singadaluli lutho olungafanele.

SIYAPHELA ISIQEPHU SESI6ILI.......END EPISODE TWO.

::::0::::

ISIQEPHU SESITHATHU

EPISODE THREE.

# UHAMLET. INKOSANA YASE DENMARK.

(Shakespeare)

Duration..............

Grade.................

Umdlalo Wokusakazwa Ngomoya.

WRITTEN &...............UBALWE

PRODUCED ...............WAKHISHWA

By...................Ngu

K. E. MASINGA.

PERSONS REPRESENTED............A6ADLALI.

POLONIUS.Lord

REYNALDO, servant to Polonius.

OPHELIA, daughter to Polonius.

KING CLAUDIUS of Denmark.

QUEEN GERTRUDE of Denmark, and mother of Hamlet.

ROSENCRANTZ courtier.

GUILDENSTERN courtier.

Inda6a

HAMLET PRINCE OF DENMARK.

IST DATE OF BROADCAST AT DURBA N .................1954.

March 23rd.1954.

Isiqephu esithathu-                (I)                Episode Three

UHAMLET, INKOSANA YASE DENMARK

(Shakespeare)

UPOLONIUS UKHULUMA NESISEБENZI SAKHE ESINGU REYNALDO БAБOБAБILI ZWI ENDLINI.

POLONIUS We, Reynaldo!

REYNALDO Mnumzane wami!

POLO Kade yahamba indodana yami uLaertes.

REY Impela mnumzane, kade.

POLO Ngifuna kewuyihambisele nansi imali yokuzondla; eqiniseweni ngifuna uyoyibekanje ukuthi ihlezi kanjani, nokuthi iyajwa yela yini lapho ikhona na eFrance.

REY Kulungile 6a6a, kulungile mnumzane.

POLO Uya6onake Reynaldo, nxa ufika khona u6othanda ukwazi nokuqo nda ngenhlalo yakhe, ukuthi uziphatha kanjani, uhambo lwakhe ukuthi lunjani, nokuthi uhamba nemidi6i enjani ya6antu, ngo 6a umuntu waziwa kahle ngemidi6i ahamba nayo. Uyezwa?

REY Ye6o mnumzane wami.

POLO Nxa uthanda ukuzwa kahle ko nke ayikho u6om6uza ku6e se ngathi uyamgxekagxeka kancane kodwa cha kakhulu, kuthi la pho 6ethi 6ayamazi wena umuphike uthi awumazi, wazi a6azali 6akhe na6o awu6azi ngempela wazi amagama a6onje.

REY Wuthi kanjano mnumzaane wami ngo6e angimuhle6i na?

POLO Cha, kanjalo uyo6a namandla oku6a isitha sakhe simpompe kakhulu kuthi a6amthandayo 6akhulume futhi kakhulu, kanjalo uyothola neqembu ahamba nalo kanti kuyena 6ewungeke walazi. Ngiyathanda ukwazi ukuthi uLaertes umfana wami uphila impi lo enjani eFrance, wenake yenza 6onke lo6u 6uqili engiku tshela 6ona uyophumelela ukutshelwa konke unga6uzanga ngqo.

REY Kulungile mnumzane wami.

POLO Uma wenze njalo uyothi uya kohlangana naye uyo6e sewazi ko nke ngaye.

REY Ye6o mnumzane.

POLO Hambake noeku yami, u6e nendlela enhle ekhanyayo, emhlophe, u6uye nom6iko oqotho.......okumhlophe!

Isiqephu Sesithathu | (2) UHAMLET | Episode Three.

(USEHAMBILE U REYNALDO ISISEBENZI NENCEKU KA POLONIUS KWANGENA INDODAKAZI KA POLONIUS U OPHELIA)

POLONIUS Hawu!kwenzenjani ndodakazi yami wangena sengathi awuthoko zile nje yini?

OPHELIA Hawu,6a6a ngiyesa6a,ngishiywa umzimba wami.

POLO Kwenzenjani?

OPHELIA 6a6a,ngithenje ngithunga endlini yami laphaya kwangena u nkosana uHamlet emahlikihliki ka6i,engafake sigqoko,amasoki si akhe ekhihlikela emaqakaleni,neyembe lakhe lingafasiwe kahle,naye ehamba eshayana amadolonje,eyigxagxa uqo6o lwalo, u6ukeke engumuntunje ophuma endaweni engana6unono.
Hawu, 6engiqala ukumu6ona esengathi uyahlanya kanjeya.

POLO Hmn! uthi pho akahlanyiswa uthando lwakho?

OPH 6a6a,angazi;kodwa hawu ngiyasa6a ukumu6ona enjeya umuntu ohlonipheke kangaka.

POLO Kukhona yini akushilo kuwena?

OPH Ungi6ambile ngesihlakala sami wangithi ngqi;
Wangi6ukisisa wangacwazima kwasengathi uya6ufunda u6uso 6ami;
Ekugcineni wa6amba izingalo zami zombili wazinyakazisa-uthe esuka wayephumula kakhulu kwa6a sengathi uzowa,kwa6a sengathi ungumuntu ophumuliswa usizi olukhulu.
Emva kwaloko waphuma wahamba kodwa amehlo ethe -njo-kimi.

POLO Ye6o! Woza sihambe siye enkosini siyo6ika loko.
Umu6one enjalo njeke u6e sangene osanganiswe uthando ngo 6a phela 6anjalo a6asanganiswa uthando kuye ku6e sengathi 6ayahlanua kanti cha 6asangene.Umuntu osanganiswe uthando angaze enze izinto ezinkulu kuthiwe uyagula noma uyahlanya kanti cha inhliziyo yakhe ithanda ngokweqileyo.Wake wamkhu lumisa ka6ana yini ezoshela kuwena?

OPH Cha 6a6a,kade ngingasazi phenduli nje izincwadi zakhe,naye ngingasamdedeli akhulume nami ngo6a kwasho wena konke loko.

POLO Ngaphosisa,manje uthando seluyamhlanyisa.Ngiyazisola;nokoke asiyo6ikela inkosi lungaze uthando lumvezele oku6i afe mhlawumbe ngo6a uthando lolu alusiyo into yokudlala ngayo.

Isiqephu Sesithathu

(3)
UHAMLET

Episode Three

(INKOSI UCLAUDIUS NENDLOVUKAZI YAKHE 6A XOXA NAWO ROSENCRANTZ 6ENO GUILDENSTERN)

KING C. Ah, ngenani nihlale phansi madoda om6uso wami 6o Rosencrantz nino Guildenstern! Ha, siyathokoza ukuni6ona lapha komkhulu ngo6a mina nendlovukazi yami kade sifuna ukuni6ona.
Ngithi senizwile ngokuguquka okwenzeke ku Hamlet indodana yomfowethu ongasekho.
Ninake madoda njengawo ntangaya6o ngini6izele uku6a nihlale lapha nathi nisiphenyele kuyena ngamasu enu amahle o6usha ukuthi angalapheka kanjani kuloku ayikhona, nokuthi uma kwenzeka singamthokozisa ngani ukuze a6onakale engophilile. Ngo6a njengaloku nani nim6ona ufana nohlanya usedele zonke izintokozo zakhe.

QUEEN Impela zinsizwa ngiyazi ukuthi uHamlet engakasangani waye vama ukukhuluma ngokuthi nimjwayele; umake ningase nisiphenyele ukuthi yini esingamelapha ngayo niyonikwa imikholelo efanele yinkosi.

ROS Nina ningamakhosi ethu akukho eningakusho sikuphike noma kunga6anjani.

GUILD Siyazinikela so6a6ili ukuthi sizoyenza intando yenu ngentokozo. Umse6enzi enisinika wona sizowenza ngaphandle kokuniphikisa.

KING C. Ngiya6onga kinina Rosencrantz nino Guldenstern!

QUEEN Impela siya6onga kinina 6antu 6ethu a6ahloniphaya. Sengathi ningashesha ni6onane naye umfana lo oyindodana yethu osesuke wa6a yinhlambunhlambu nje engaqondakali ukuthi singayihlanganisa nathi kanjani.-Thumelani nezinye izinceku lezi zalapha ekhaya uku6a keziyolanda na6anye 6ala6o 6antu ahlala na6o uHamlet.

GUILD Sengathi lomse6enzi singawenza u6usiswe nayiZulu eliphezulu.

QUEEN O, impela, impela!

UHAMLET

(QATHATHA U POLONIUS ENKOSINI )

POLO Eh,nkosi 6a6a!

KING C. Yini Polonius?

POLO Nkosi ngizo6ika ukuthi izithunywa ezazithunywe kwelase Norway sezi6uyile.

KING C. Ho, ngaja6ula kakhulu ukuzwa lezo zinda6a ezinhle. Wena phela ungumuntu ongilethela izinda6a ezinhle njalo

POLO Ngiya6onga nkosi yami ukukuzwa uthi ngiwenza kahle umse6e nzi wami;loko kuyinhloso yami uku6a wena nkosi yami ngiku khonze kahle njengo6a ngikhonza uNkulunkulu; beka ngo6a no6uchopho 6ami ngi6use6enzisela wena wedwa nkosi,yini ngo6a u6onanje nkosi nembangi eyenza uku6a u Hamlet ahlanye sengiyayazi ngenxa yoku6a ngithanda ukutho zisa wena nkosi!

KING C. Ah! nansoke imda6a engithanda kakhulu ukuyizwa nduna yami,xoxa yona yodwa ngiyizwe kahle.

POLO Nkosi 6ekunga6anjani uku6a uvume kungeniswe izithunywa lezi-amanxusa akho owawuwathumele eNorway ukuze inda6a ngiyidimuze ekhona? Na6o 6azozithanda lezinda6a ngiyazi.

KINGC. O,kulungile loko: Hawu,ndlovukazi yami ngizwa ngo Polonius lapha ukuthi useyasazi isizathu esihlanyisa indodana uHam let.

QUEEN Mina ngisola ukuthi isizathu ngesokufa kukayise akulilela ka6i,esinyeke uku6a mina nina ngashesha ngashada nawe uyise esanda kufa.

KING C. Cha,phela sizozwa kahle konke loko,okwamanje akesizwe ukuthi uthini uPolonius ngo Hamlet.

POLO Nkosi ngino6ufakazi o6uphilile 6okuthi uHamlet uhlanyiswa ukuthanda inodakazi yami engu Ophelia.

KING C. Wena ukuthathaphi loko futhi ukuthole kanjani?

PDLO Loko nkosi ngikuthathele encwadini eyabalwa ngu Hamlet ebalele uOphelia indodakazi yami ezi6ika kuyona,okwathi nxa ngiyi6one ngameluleka umntwana wami ukuthi akanathu6a ku Hamlet ngo6a ungu mntwana wenkosi uHamlet inkosana.

UHAMLET

POLO.........ngayelulekake nkosi indodakazi yami ukuthi nxa uHamlet eyinkosana njengalo kunjalo yona ayinathu6a loku6a iphelele kumuntu omkhulu kangako kuyona ngozalo lwakhe no lwayo indo dakazi yami yize ukuthi uyayithanda uyasangana ngayo;
Nansoke imbangi eyenza uHamlet inkosana ahlanye ngenxa yoku 6a izifiso zenhliziyo yakhe zivinjelwe ikakhulu ezinda6eni zothando.

KING C Hawu uthi yiloko nje?

QUEEN Mhlaumbe nje, siyazi yini!

POLO Mina ngiyakholwa engikushoyo.

INDA6A U-Hamlet lona wayezenzisa ukuthi uyahlanya, wayenza isu loku 6a enze kahle amasu akhe okuphindelisela ukufa kukayise kulowo owamu6ulalayo. Wonke uwonke wayeluthekile ethi uya hlanya ngempela uHamlet kanti cha wayephezu kwezimiso ezi julile zokuphindelisela uyise .
Ukushaya sengathi indodakazi ka Polonius uyayithanda a6uye esKaye sengathi akasayithandi, wayenza ukudida umkhondo wa la6o a6a6emqaphele;
Phela wayengeke asimze ayi6ulalenje inkosi le ephindisela uyise ngo6a yayihlala isesihonqeni se6andla nonina ehlala nayo njalo;
Izithunywa lezi ezazithunyelwa uku6a ziyomuphenya into ayeyiyona wayezi6ona kahle ukuthi zinga6aphenyi a6azomfu nda ingqondo.

uHamlet ukhuluma yedwa esitha:

HAM Isipoki noma isithunzi esiyisipoki sika 6a6a ngisi6ona nja lo ngezikhathi ezithize, ekusi6oneni kwami singitshela uku thi angisiphindisele, namike impela ngo6e angiwenzanga umse 6enzi wami ku6a6a uma ngingamuphindeliselanga esitheni sa khe ngokusi6ulala.
Amahora nemizuzu kungihambela kancane ka6i uma ngingakasi fezi lesithembiso sami ku6a6a sokusu6ulala isitha sakhe.
Hmn......loze livele ithu6a, loze livele noma nini.......:

INDA6A Kwathi ingqondo ka Hamlet kusathiwa isangene kanjalo kwafika a6adlali a6anodumo,okwakuthi nxa 6edlala imi dlalo 6efanekisa izinto nezinda6a ezadlulayo ku6e se ngathi u6ona lezo zehlakalo uqo6olwazo:

Ngesikhathi engakasangani.uHamlet waye6athanda uHamlet a6adlali a6anje,ikakhulu 6ona la6a a6ase6e6ikwe ukuthi se6ekhona.No Polonius wayeseke wafika wazosho ukuthi kukhona a6adlali a6aphambili a6afika kanye ngesikhathi esithile 6a6e nodumo

POLO Nkosana Hamletnamhla kufike a6adlali a6aphambili emhla6e ni,6adlala imidlalo ehlekisayo,eda6ukisayo,yezinda6a ezi nda6andala,nezamasiko amadala awo6a6a nawo 6a6amkhulu. Kuthiwa namhla se6engaphezulu kwezinye izikhathi ngo6u mpetha.

HAM Ho!ho! a6adlali 6odumo se6elapha eDenmark!

Ho! ho! ngaze ngathokoza ngo6a ngizo6a 6ona!

Siyani6ingelela nonke 6adlali hlalani nithokoze lapha ezweni lase Denmark nisikhiphele 6onke u6ungcweti 6enu.

INDA6A Kwathi kusenjalo 6edlala a6adlali a6adumileyo kwasuka omunye owadlala indawo eshaqisayo yokufa kwenkosi u Priam, inkosi yase Troy,okwathi ngokufa kwayo indlovukazi yayo yasangana,nomuzi wase Troywasha wagqamuka amalanga6i, nansiya nendlovukazi seyi6aleka ingambethe lutho ngapha ndle kwengu6o yokwembatha okhalweni lwayo nomnqwazana ongasho lutho ekhanda elalikade lihlo6a ngomqhele wo6u khosikazi,ayahamba ngezinyawo zingafakwe lutho ezinyaweni ezazikade zigqoka izicathulo zoku6usa ngenxa yoku6a kwaku 6oniswa nga6adlali ukuthi indlovukazi yayiphume ngamaphu thu umuzi usha nenkosi i6ulewe.Konke loku kwenza lomdlali ukwenzanje uyakhala dli akakhulumi lutho.

Kwamhlala enhliziweni uHamlet lokukwenza komdlali owadla la sengathi nguye ngempela okwenzeka kuye lezi zehlakalo.

HAMLET (ukhuluma yedwa) Uma la6a 6adlali 6enamandla nesu elihle kangaka loku dlala umdlalo okade isehlakalo sawo senzeka iminyaka engamakh ulukhulu amaningi adlulayo,pho mina nginge6acele ngani uku6a 6angidlalele ngoku6ulawa kuka 6a6a osanda kufa,ukuze kuthi lapho udlalwayo ngimeme umama indlovukazi no6a6akazi lona ophethe isikhundla so6ukhosi sika 6a6a ongasekho,ngaleliqhi ngake ngizohlola kahle ngiqhaphelisise ukuthi akusiye yini u6a6akazi lona owa6ulala u6a6a na.Nxa kunguye umfowa6o ka6a6a owa6ulala u6a6a uzo6onakala e6usweni.

Impela uma kungesiye umfowa6o ka 6a6a owa6ulala u6a6a,kuyo6e isipoki lesiya engasi6onayo sasingamandla ka Satane akhohli sayo ikakhulu ngo6a ngisosizini olukhulu,kodwa nxa kuyiqiniso njengaloku ngikholwa uyo6onakala e6usweni umuntu owa6ulala u6a6a ngesikhathi udlalwa lomdlalo.

Ngifuna udl alwe umdlalo ekhona u6a6akazi-inkosi e6usayo ka nye nomama oyindlovukazi.

INDA6A-1. Phela lomdlalo ayelinga ngawo ukuthi nguyisekazi yini owa6ulala uyise uHamlet,wawu6onakalisa ngokufa kwe Sikhulu sase Vienna esasingu Gonzango okwathi emuva kwesikhathi esi fusgane kakhulu kwadaluleka ukuthi wa6ulawa yisihlo6o segazi ngo6a sasifuna u6ukhosi nomkakhe ogama lakhe kwakungu Nkosi kazi Baptista.Nempelake washada naye uBaptsta lowo ekufèni kwendoda yake eyayi yisikhulu (Duke) sase Viànna.

Lomdlaloke uHamlet uthi awudlalwe nje iNkosi le e6usa esikhu ndleni sikayise 6eno nina a6azi lutho ngawo,kwaku ngumgogo lona e6acuphile ngawo ethi a6abajwe 6engazi yena ehlezi e6a qaphelisisile ukuthi ukushiywa kwa6o yimizimba lapho 6e6ona l omdlalo ku6anjani.Phela naye u Gonzago lo waye6ulewe njengo ku6ulawa kukayise ka Hamlet nowe,naye umka Gonzago wayehlala ngokuvuma kumyeni wakhe ethi umthanda udlula yonke into ezwe ni nokuthi uma engase afe ngeke aphinde ayithande enye indoda kanti uyamkhohlisa.

KING C. Polonius

POLO Nkosi.

KING C. 6iza o Rosencratnz no Guildenstern kesizwe kahle ukuthi enjengaloku ngangi6athumile uku6a ke6ayophenya ukuthi u Hamlet lona lokukwenza kwakhe kuyiko kokugula ngokuhlanya ngempela noma okuzenzisa yini na, ke6eze lapha 6asitshele ngohambo lwa6o nenkulumo ya6o no Hamlet.

POLO Nkosi!
Rosencrantz nino Guildenstern! Sheshani niya6izwa yinkosi.

KING C. Yishoni madoda ukuthi ekuphenyeni kwenu nafica ukuthi uHamlet lona uhlanya ngo6a eqinisile ngempela yini na?

ROS Nkosi uyash o naye ukuthi akazizwa kahle into ayiyona, kodwa sithi lapho sithi siza naye ngengqondo aphunyule futhi sisa le o6ala singathplanga lutho ayilo.

GUIL Ye6o nkosi akaphenyeki kahle ngo6a usiphica sithi simtholile, laphoke si6e sesikholwa ukuthi kwenza ngo6a ehlanya engena ku6anjelwa lizwi singa6e sisazike noma ukusishiya kwakhe nge ngqondo yini loko.

QUEEN Kodwa yena unemukele kahle?

ROSS Ngempela Ndlovukazi.

GUIL Cha, mina ngiyadideka noma nging athini lapho--

ROSS Inda6a wena ndlovukazi i6uye yadidwa uku6a kuzwakale izi nda6a zokuthi kufike lapha kulomuzi wethu(city) a6adlali a6aphambili; okuthe naye nxa ezwa nga6o wa6onakala eja6ula; La6o 6adlali 6akhona lapha kulo muzi wenkosinje sikhuluma nje, khona kusihlwa nje 6azo6e 6edlalela yena uHamlet.

POLO Nami ngiyalifakazela lelogama nkosikazi ngo6a uze washo wathi anginimeme nize niyo6uka loko ayoku6uka naye okuyo 6e kudlalwa yila6o 6adlali.

KING C. Ha, impela! kuhle loko kakhulu sengathi azijwayela izinto ezinjalo, nani nimenze azithande ngo6a ngase zimenze a6e ngoono ngokuli6azisa ingqondo yakhe.

POLONIUS Ah! nkosi nangu eza uHamlet sisakhuluma ngaye nje.

KING.C. Ah! ye6o yini?

POLO Ngempela nkosi.

KING C. Nkosikazi yami ethandekayo Gertrude wena manje hamba lapha ukuze uyafika uHamlet awukho wena ukuze ahlole kahle ngo6a sizo6iza nesesheli sakhe u Ophelia, wena funa angakhululeki nxa ulapha, kanti thina sinoyise wentombi engu Ophelia sinokuhlola kahle engaqondi ukuthi siyamhlo la ukuthi uguliswa ukuthanda yona noma cha. Hambake usishi ye sino **Polonius** sizohlala kanye no Ophelia.

QUEEN Kulungile 6a6a nkosi yami ngizokuhlonipha ngihambe; Wenake ndodakazi Ophelia ngifisa sengathi nempela kungase ku6e ingane yami ihlanyiswa uthando lwakho, nokuthi u6uhle 6akho 6ungayilapha kulesi sifo sayo ukuze no6a6ili nidumi seke ngaleso senzo.

OPHELIA Ngiya6onga mama sengathi kungaya njengokusho kwakho.

EZWAKALE UHAMLET EZA KUZE ESHO UMLOLOZELO WOKUZIHLANYISA OTHI:-

HAM (umemeza ukude uyeza) Awusuka ukuphila nokungaphili kuyafananje; Izinsizi nezinja6ulo ziyafana nje-lapho kona kusizani uku hloma izikhali uthi uzolwa nazo zonke izinkathazo zezwe zi ngaka-yiya-ho!

POLO Uyamuzwa nkosi eza ehlanya? Nguye lowo.....

HAM Ho-ho-nangu uOphelia omuhlekazi, ngamu6ona qede ngakhumbula zonke izono zami (uyazihlanyisa 6elu)

OPHELIA Hawu-he saku6ona nkosana konje wena unjaninje 6andla?

HAM Suka, nginjani, nginjani kwani, yinda6a yakho yini leyo?

OPHELIA Hawu nkosana kade ngikukhumgula yini pho ungekho!

HAM Kodwa 6ewuna nda6ani yokukhumbula mina?

OPHELIA Ho, he, pho ngingathini loku ngisho neziphiwo zegolide uma umuntu ezipha lowo ongazifuniyo zifana nokuthi inani lazo li yize leze ngo6a zingathandwa ozinikwayo ejabisa ophana ngazo. Naweke uyangijabisa ngikukhumbula kangaka ngegolide le nkumbulo yami nkosana.

Isiqephu Sesithathu

HAMLET Ha,ha,ha,ha,ha,ha, kodwa uthi usho ngo6a uqinisile?

OPHELIA Ngempela nkosana.

HAM Waphu suka uqhoshiswe ngo6a uhlala utshelwa ukuthi umuhle!

OPHELIA U6uhle a6unalo inani nkosana into enenani ukwethembeka.

HAM Uma loko kwake kwa6a yiqiniso ziqondelenje ukuthi manje akusenjalo.

OPHELIA Ngempela nkosana wena wawukade ungeshela kwathi......

HAM Uma ngangikweshela ngawungangikholwanga ngo6a manje angisa kukholwa ukuthi uqinisile ngo6a angiyazi leyonto mina.

OPHELIA Impela kanti wangikhohlisa ngakhohliseka.

HAM Suka lapha uma usho njalo hamba uyohlala ema Sisiteleni lapho ehlala khona Ekuzi6opheni ngenxa yoku6a enokuwakhatha zayo emoyeni. Suka lapha kimina. Uphi yena uyihlo?

OPHELIA Usendkini ekhaya. Ngani?

HAM U6omtshela ukuthi ngithe a6okuvalela endlini angakudededeli u6e ngumhlambi ka zalusile kanje eduze kwami.

(azihlanyise) Mina angikhathali ngawe, wena hamba uyohlala emasisiteleni ngo6a nemishado seyavalwa kwathiwa ngeke kwaphindwa kusha dwe kwagcina ngala6o a6a6eshade endulo.

OPHELIA Wo-he, yeka lo6uchopho o6uchithekela ize kulomuntu ohlanya yo! Yeka lesifundiswa nesosha eliphelela e6uhlanyeni!
Awuu, he yeka mina owahlala wathembekela ize ngibeke umnya ma ungenafu kulomuntu ongiphikayo!
Hawu, he, okwami okwezandla, mina ngifana nomculo omuhle okha la unganconywa zi6ukeli ngo6a zingekho!
Hawu, zintombi anizange niku6one okwa6onwa yimi!

Nhm.......!

SIYAPHELA ISIQEPHU SESITHATHU::::::::: END EPISODE THREE.

J.P.L.

ISIQEPHU SESINE

EPISODE FOUR.

# UHAMLET, INKOSANA YASE DENMARK.

(Shakespeare)

Duration.......................

Grade.......................

Umdlalo Wokusakazwa Ngomoya.

WRITTEN.......&........UBALWE

PRODUCED...............WAKHISHWA

By...................Ngu

K. E. M A S I N G A.

CLAUDIUS, King of Denmark

POLONIUS, Lord Chamberlain

HAMLET, Prince of Denmark, son to the former & nephew to the the present king.

ROSENCRANTZ } Courtiers
GUILDENSTERN }

HORATIO, friend to Hamlet.

QUEEN (Getrude) of Denmark, mother to Hamlet.

GHOST (Izwi) of Hamlets father.

INDAGA

FIRST DATE OF BROADCAST AT DURBAN.......................

March 27th, 1954.

(I)

Isiqephu seSiNe.

UHAMLET, INKOSANA YASE DENMARK. Episode Four

(Shakespeare)

Umdlalo Wokusakazwa ngomoya

UBA LWE.............WRITTEN
Ngu.............By

K. E. M A S I N G A.

KING C. Uzwileke Polonius ukuthi noma wena ukholwa ukuthi usanganiswe uthando nje kodwa inkulumo yakhe noma yena engohlanyayo ayisi yo yohlanya ngempela, sengathi kukhona ahlanyela phezu kwako. Ingqondo yami ingitshela ukuthi, uma ngingaphosisi, umphumela walokuhlanya kwakhe ngase ku6e yingozi... .....nhmmm-- Polonius-!

POLO 6a6a Nkosi!

KING C. Kuthi angimthumele e England, mhlaumbe ukuguba kwamagagasi olwandle kungamenza ase kahle kwembuleke lelifu elembese ingqondo yakhe; nomu6ononje wamanye amazwe ungase umembule ingqobdo. Uthini wena Polonius uyindoda?

POLO Nkosi ngikucela uku6a ungakamuyisi lapho ufuna ukumuthumela khona phesheya kolwandle e England; kuhle ke umnikele ne ndlovukazi yakho, unina ka Hamlet naye alinge ukuthi ngeke yini amenze a6e ngumuntu osile kahle na, nami ngocasha 6a ngangi6oni nxa 6ekhuluma ngenzele ukuthi ngize ngi6uye ngi zokuhle6ela a6akade 6ekusho ngo6a mina ngiyindle6e yakho nkosi. Umake nkosi sekwedlula lapho sewungamthumela noma kuphi lapho u6ona ukuthi kuyokuthokozisa ukumuyisa khona; kodwake nkosi akekudlalwe umdlalo lo kuqala asengathi uyawu thanda nawe nendlovukazi ni6ukele kuqala 6ese ukwenza ko nke okuyinhloso yenhliziyo yakho 6a6a nkosi.
Ngokutho6eka nokunamathela kuwena njengo ndunankulu wakho 6a6a ngi6eka lowomqonjwana wami kuwe 6a6a.

KING C. Muhle lowo mqondo Polonius ngempela ngiyawenana:
Ye6o ngiyavuma ukuthi unethika lokuhlanya, kodwake uku hlanya kwa6antu a6akhulu kudinga UKUBEKISISWA KAHLE ukuthi ukuhlanya kwangempela yini na!

............isihlo6o segazi senkosi sayi6ulala kanjani inkosi icambalele ensimini yayo yezimbali iphumule,lomdlalo futhi uqhu6eke u6o nise ukuthi seyifile inkosi masinyane ngokushesha uLucianus washela inkosikazi yesihlo6o sakhe esisanda kufa yamvuma. Lapho i6ona lomdlao inkosi u Claudius yahla6eka ka6ika6i emoyeni-:

KING C. (ngokukhathazeka) Khanyisani,khanyisani ngisuke lapha ngihambe-hmn wa6amu6i lomdlalo,khanyisani zonke izi6ani sheshani.Hambani nikhanyise nasendlini yami yokuphumula ngiyocambalala ngiphumuze umoya wami kulom6ono omu6i walomdlalo.

KU6U6ULE INDLU YONKE,KUZWAKALE UKUKLEKLEZA KWEZIHLALO KUSUKUMA UMKHANDLU NENKOSI IDU6ILE.(I6ulawa ngu Mzwangedwa)

HAM Hmn-Horatio!Wena awuqembukanga nendku usalele emuva kanti?

HOR Ngisalile nkosana angiqembukanga , ngihlezi nawe.

HAM Horatio,amagama enkulumo yesipoki ayiqiniso ngisho izwe lonke lingaze lingaze lingakholwa yiwona kodwa mina ngiya wakholwa namhla ngengiku6one kwenzeka enmosini ngesikhathi umdlali efaka uphoyizeni endle6eni yomuntu olele.Horatio, wena uthini awuku6onanga ukuthi inkosi ngempela yiyona eya6u lala u6a6a?

HOR Ngizi6onele kahle nkosana.

HAM Unele umdlali wadlala um6ono okhombisa ukufa kwenkosi ngo shevu omu6i wagxuma u6a6akazi u Claudius wathi akukhanyiswe ngo6a ingcaba 6ese idla yena,washiywa ngumzimba,washaywa ngunembeza,waqedwa ngu mzwangedwa,walahlwa yicala elithe tha yedwa-ha,ha,ha, yingane yodwa ebibidla amazinyo e6eyi ngathi ayi6onanga ukuthi imuphi umuntu owa6ulala u6a6a.

HOR Ngimu6onile kahle nkosana ngalawa awami amehlo ngo6a 6engi mqaphele ukusuka nokuhlala komdlalo.

HAM Noma e6alekile ufana nenyamazane ehlatshwe nga6azingeli ya6aleka nomkhonto utshitsha kuyona enyameni ingeke yazi khumula wona.

Isiqephu Sesine

UHAMLET

Episode Four.

GUILDENSTERN: Nkosana ngicela kengihle6e nawe,wena wako mkhulu!

HAMLET Uthini?

GUILD I...i,i,i, inkosi,-
(a6e namalimi)

HAM Musa ukulo unanaza lapha khuluma unkosi,inkosi ithini?

GUILD Inkosi iselawini layo lokuphumula nkosana,kodwa iyayaluza nje angazi ukuthi inani!

HAM Uthi ayiphuzile kakhulu?

GUILD Cha,nkosana sengathi ithukuthele-

HAM Uzo6e uhlakaniphile uma uyomu6ika ezinyangeni ezibekene ne mpilo yakhe kezim6one ukuthi uyaluziswa yini.Mina ngeke nga m6ungaza ngalutho ngo6a angasuke ayaluze kakhulu uma eke wa khulunyiswa yimina ekuleso simo.

GUILD Nkosana thambisa ulimi wena we nkosi 6o ngo6a kukhona okunye engifuna ukuku6ika kuwena.

HAM Yisho okushoyo wena-

GUILD Nendlovukazi laphaya ekuzalayo sengathi ihlezi ngokukhatha zeka emoyeni,nayo ithe angiku6ize.

HAM Mtshele ukuthi angifuni ukuza kuye.

ROSENCRANTZ:- Indlovukazi umama wakho nkosana(unyoko) uthi ukuzipha tha kwakho kumbi akuncomekile neze.Ngiyaxolisa ngokusho lo wo m6iko.

HAM Udinga aca6angisise kahle ukuthi imbangi yaloko yini.

ROS Impela nkosana ufisa ukuxoxa nawe ungakayi kolala uMa wakho (unyoko).

POLONIUS: Ah,nkosana ngizoku6ikela ukuthi unyoko uyaku6iza utji shesha uye kuyena.

HAM Hamba umtshele ukuthi ngizo6uye : ngifike nje noma nini.

POLO Kulungile ngizoya komtshela.

HAM Kwanele uma sengithe 'noma nini'
(khuluma yedwa)
Ye6o seku phakathi no6usuku manje kwabadakazi ngempela;
izinto zonke sezilele zathula zathi cwaka,
Uma sengiya koxoxa no mama sengathi ngingafika ngimuhlu6ele indlu6u ekuasini kodwa ngingamuphoxi cha.

UHAMLET

ENDLINI ETHILE, ESIGODLWENI SENKOSI, INAWO ROSENCRATNZ NO GUILDENSTERN

KING C. We Guildenstern!

GUILD Nkosi!

KING C. (ithukuthele) Lomfana uHamlet angisamfuni lapha nempela:
Ukuhlanya kwakhe sekungidinile ka6ika6i. N githi mthathe
ahambe aye e England lapho ngimdingisela khona:
Uku6a kwakhe lapha kulelizwe lami kusisondeza eduze kwe
ngozi njalo nxa yena elapha phakathi kwethu.
Asi6ona thina a6antu 6okuhlanyelwa nguye .

GUILD Kungumse6enzi wethu nkosi ukufeza njengokuthanda kwakho
zonke izifiso nezinqumo zakho. Uma uthi asimhambise uNkosa
na sizomhambisa.

ROS Nkosi asinakuthini thina ngo6a wena unguuthi oxhantele
iz impande namagatsha kuwo ayithi thina 6antu 6akho.
Nxa wena nkosi kukhona okudina wena kusidina sonke ngo6a
sixhantele kuwena;
Loku okubevumulisa wena manje kufanele kusibevumulise
sonke thina magatsha nezingxa6o zakho ngo6a inkosi ayibe
vumuliswa yize.

KING C. Ngithike zilung iseleni madoda uku6a nibekane naleyondlela
enginiju6a kuyona;
Lento eyifu lokuse sa6isa phakathi kwethu sidinga siyi6o
phe izandla nezinyawo ingachachazi ngenkululeko.
Sengishiloke madoda, hambani.

ROS & GUILD 6ayethe nkosi, sizokwenza ngokuphazima kweso konke loko.

POLONIUS 6a6a, nkosi uHamlet ngimu6one engena endlini ye ndlovukazi
unina:
Nkosi, 6ewuthe akothi nxa eseyokhuluma honina lomfana
mina ngicashe ngemuva kwezindwangu ngiqamele ngizwe yonke
inkulumo ayikhuluma nonina ukuze kuthi noma unina engayi
6iki kahle yonke kuwena enziwa yizinseka, kodwa mina ngiku
6ikele yona yonke njengaloku injalo nkosi, angazike noma
umqondo wakho usahambelana yini naloko na?

UHAMLET

QUEEN Awuthi ngi6one! Hawu sewuchithe igazi lika Polonius!

HAM Ye6o igazi sengilichithile uqinisile uma uthi ku6i ukuchitha igazi, ku6i kufana noku6ulala inkosi 6ese ushada nomfowa6o.

QUEEN Uku6ulala inkosi?

HAM Uyangi6uza yini ma ?Ngempela ngisho njalo.
Angikuniki lutho sikhohlakali somfazi ngithi sala kahle!
KUWENA Polonius ofileyo ngithi:-
Ngangithi ungumuntu ongcono kanti cha, thathake naso isa6elo sakho;6ewungumuntu othanda ukufaka izandla zakhe engozini nansoke yidle ingozi oyi6izile;

QUEEN (uyakhala) hi,hi,hi,hi,hi.......

HAM Thula wena musa ukulo ukhixiza ushaluzisa izingalwana lapha, Yimina engifuna ukushaluzisa inhliziyo yakho ngengifuna uku kusho kuwena;uma inhliziyo yakho ikwazi ukuhla6eka lezi ze hlakalo zidinga uku6a sezikuqedile wena ngo6a zenzeke ngenda 6a yakho zonke.

QUEEN Ngenzeni kuwena Hamlet uze ungishwa6ulele kangaka ngomlomo nolimi lwakho?

HAM Lesi senzo sakho sibeca umusa nemfanelo ngodaka olumnyama;
Wen a ungu mzenzisi woqo6o;
Uyaluphoxa uthando oluhle njengezimbali zama Rozi;
Kuwena izifungo ezinhle zomshado ziyize njengakumuntu ongu mjiti wamadayisi okhuluma amanga ewaqondile-wena unjalo;
Hawu, suka uyayiphoxa inkolo uyenza umlolozelo ongasho lutho:
Namehlo ezulu isenzo sakho asi6uka ngamehlo okufa.

QUEEN Ha, ngiyeke wena ukungiqalekisa, ngo6a isenzo sini lesi esimbi engisenzile esi6a6azeke kakhulu kangako kuze kufike ezulwini?

HAM Ha, we Ma, akewubeke nazi izithombe zezelamani ezingamadoda akho-u6a6a no 6a6akazi omgane manje:
Lesi esika 6a6a isithombe si6ukeka sizothile sihloniphekile sengathi ngesezithixo ezazikhonzwa endulo o Apollo, nesipho ngo sakhe sengathi ngesika Jupiter, namehlo akhe sengathi se ngath i ngawaka Mars-

HAM.........isiqu sakhe nje u6a6a kulesithombe sengathi yisithixo esi khulu esingu Mercury phezu kwegquma ehlezi ngokuzotha konke. Manjeke akewubeke nasi lesi sendoda yakho oyigane manje:

(A Q A L E A PH O X E NGOKUSIHLEKA )

Uyasi6ona lesithombe salendoda oshade nayo emuva kuka 6a6a-si6uyoywana sengathi isithombo sesihlahla esinokhwekhwe lwezi thombo;noma umubekilenje akanasizotha,ululana,akanasithunzi kumane yiboxoggwana nje elingahlonipheki le;

Sengathi wayenethwe yisichotho nesithwathwa somlalelafuthi esihamba namazolo angabulekiyo......

QUEEN Hawu Hamlet thula unga6e usakbuluma senginamahloni,lezinkulumo zakho zingenza ngizi6uke ngaphakathi emi6ilinini yami;

Lezinkulumo zakho zenza ngizi6one 6onke u6u6i 6ami o6ufihlekile.

(AKHALE)

HAM Wena manje uphile impilo yo6unuku om6enyanyekayo,

Nezinda6a zakho zothando zinyelisa umzimba umdala ungaka.

Hawu! ngiya6a6aza ngesi6indi sakho sokugila imikhu6a emi6i o6ala kaba!

QUEEN Senganele yizkqalekiso zakho Hamlet;

Amazwi akho angihla6a njengezinkemba;

Izindle6e zami ziyahla6eka yilazwi akho Hamlet-thula manje!

HAM Hawu,ngiya6a6aza mina ngomu6ulali onjengalo,nomfokazana omu6i;

Umfokazana wani yena lona owa6ulala u6a6a ehlangene nawe wena washada naye?Noma ehlezi esihlalweni so6ukhosi kusala isiceke sokuthi akaphelele ngo6a edeleleka;

Umfokazana owantshontsha umqhele wo6ukhosi wawufaka ekhanda lakhe ngo6usela!

QUEEN (ekhala) Maye!maye!ngafa umlomo ka Hamlet engithethisa!

HAM Yini yona le owa6ulala u6a6a wayigana idlakadlakana leli-Akunkosi yalutho loku yi'nkosana'uuqo6o lwayo edelelekileyo.

UM6ONO WESIPOKI UQHAMUKE

HAM Ha,nangu umoya ka 6a6a wena ongeke wawu6ona ngawakho amehlo;

Ye6o 6a6a dlozi lami ngingakwenzelani wena ongasekho kuleli?

J.P.L.

ISIQEPHU SESIHLANU

# UHAMLET, INKOSANA YASE DENMARK

EPISODE FIVE

(SHAKESPEARE)

Umdlalo Wokusakazwa ngomoya.

WRITTEN & ..................UBALWE

PRODUCED ..................WAKHISHWA

By......................Ngu

K. E. M A S I N G A.

PERSONS REPRESENTED...............A6ADLALI

HAMLET, Prince Of Denmark

QUEEN Of Denmark (Gertrude)

KING CKAUDIUS Of Denmark

Attendants- Izinceku.

ROSENCRANTZ):- Courtiers
GULDENSTERN):-
OSRIC ):-
Inda6a

HORATIO, Friend to Hamlet

A PRIEST

LAERTES, Son to Polonius

GRADE...............DURATION..............

DATE OF BROADCAST AT DURBAN...................1954.

APRIL 2nd, 1954.

Isiqephu Sesihlanu

(I)

Episode Five.

# UHAMLET, INKOSANA YASE DENMARK.

(Shakespeare)

Umdlalo Wokusakazwa ngomoya

UBALWE................WRITTEN

Ngu ................ By

Duration:..........

Grade..........

K. E. MASINGA.

HAMLET Wekanini imihlolo,noma ungathi ngiyahlanya angihlanyi ne mpela ngiphile kahle njengawe,nenhliziyo yami igazi ili mpompa kahle njengeyakho;nempilo nje yami ihamba kahle njengengoma ehutshwa amagagu a6aculi:Angihlanyi ngisho nakanci uma ufuna ukwazi:Wena Mama uma ungumuntu oziphatha kahle ngithi'phenduka ngokwase Zulwini uthethelelwe ngesono sakho'. Cela intethelelo wena kuNkulunkulu ngo6a umu6i Ma.

QUEEN Hawu,Hamlet uyawu6ulala umphefumulo wami,inhliziyp yami uyi da6ula phakathi usizi.

HAM Uma inhliziyo yakho ngi yida6ula phakathi,thatha ucezu olu 6i olu6olile ululahle ugcine lolo oluhle oluzokwenza ulunge. Hambake uyolala kahle,kodwa ngithi yehlukana nalendoda owayiganayo engumfowa6o ka 6a6a.Ukwehlukana nalendoda ya kho wena qala namhlanje kusihlwa.

Kuwenake Polonius ngithi ngiyada6uka ngo6a ngiku6ulale ngi ngazi,okuso6ala impela ukuthi 6ekuyidalelo lika Mvelinqa ngi uku6a ufe ngesandla sami,ngiyada6uka ngoku6a ufe ngesa ndla sami Polonius, Wena Mama hamba uyolala wedwa kusukela namhlanje kusihlwa.

QUEEN Hi,hih,hi,hi kodwa ngizokwenzenjani!

HAM Ng ikutshela loko mina ngithi,ungaphindi u6ungazane nale ndoda yakho-inkosi le eya6ulala u6a6a ngo6a ifuna umqhele wakhe wo6ukhosi kanye nawe.

QUEEN Impela lezinto ozishoyo kimina ziyawusinda umoya wami ka6i ngeswele nokuthi ngiphefumula kanjani.Izinkulumo zakho zi yangikhwingca zinginklinye emuphinjeni wami.

UHAMLET.

HAMLET Ha,konje seninqume ukuthi ngizoxoshwa ngiyiswe le phesheya kolwandle e England?

QUEEN Ha6e!Konje nkosi yamaZulu nomhla6a,konje kukhona leyonda6a enjalo! 6ese ngikhàhliwe nya! Hmn,mame! Ah!

HAM Ha,uyazenzisa.Mina sengiyazike ukuthi na6azongihamhisa nga 6afana a6a6ili esasifunda na6o 6enga6angani 6ami,yi6onake a6azongiqhu6a 6angiyise e6ugqilini.Ehene,kulungile siyo6o na kahle impumelelo kodwa ngithi kulezo ziqimu a6angi6ekela zona 6aqàphele zingaqu6uli 6ona zi6afumbe phezulu enyangeni. Angisho lutho ngithi nje kuhle uku6a kuze kuhlangane omahla ngana kanje-mina nani sizoshana. . .

INKOSI NENDLOVUKAZI-6AHLEZI NEZINCEKU ZA6O EZINGO ROSENCRANTZ 6ENO GUILDENSTERN

KING Ye6o Getrude mkami othandekayo,uphi uHamlet indodana yakho?

QUEEN Ngiyacela nkosi yami uku6a kewukhiphe izinceku lezi kuqala singakaxexi.

KING Akenithi ukuphuma kancane size sini6kze zinceku zethu.

Izinceku 6a6a nkosi,6ayethe!

KING Yiehoke mkami Gertrude ithini indodana yakho?

QUEEN (akhale) Lowo uyahlanya uboke njengolwandle luguba amagaga si futhi kuthiwa uma luhlangane neziwishi zomoya odlangile, Endlini yami laphaya ngenkemba yakhe u6egwaza yonke into ethi 'shuku' ethi kushukuma amagundane,okuthe kulowo mnyama wali gwaza ixhegu 6andle elingu Polonius e6eliеashe emuva kwamakhethini ami.Lifile sikhuluma nje.

KING Hmn,hmn uma 6ekuyimina lowo ngaku6e nami ungigwazile! Hawu,waze wangcola umfana.Impela uku6a kwakhe phakathi kwe thu kuyingozi enkulu;Akewubekeke manje izwe lonke lizosola thina ngaleso senzo salomfana omu6i ohlanyayo oyingàzi ki thina sonke.Yena uphi manje?

QUEEN Ngimshiye ezishaya okhalayo ngoku6ulala uPolonius isidumbu sakhe esitatulula esidonsa.Hawu kuyaqondwa yini okohlanya!

UHAMLET

KING Hawu, Gertrude mntakwethu ndlovukazi yami saze sayi6oneimi hlola ikhwela ngaphezulu; asihambe siyolondoloza loko osekwe nzekile lingakashoni ilanga ezinta6eni zentshonalanga, ko dwa yena uHamlet akahambe lapha adingiswe si6e sesibekana nehlazo leli alenzile........We Guildenstern!

GUILD Nkosi 6a6a!

KING Ha, wenza kahle weza nawe Rosencrantz, ngithi sizani lapha ku lo mse6enzi osewenzekile madoda; uHamlet lapha ugwaze uNduna nkulu wom6uso wase Denmark uPolonius ngenkemba laphaya endli ni yendlovukazi, manjeke useyatanataneka naye uthi udonsa isi dumbu sakhe uyasikhipha, hambani nimsize kodwa niqaphele nimkh ulumise kahle, ni6e seniletha isidumbu leso sika Polonius la phaya endlini yeSonto. Sheshanike.

GUILD & ROSEN 6ayethe.....Nkosi.

KING Thinake Gertrude mfazi wami asisheshe sazise a6antu ngokwe kale kungaqondiwe, singaze sihletshwe izwe lonke ngo6a izinda 6a ezimbi zineju6ane kakhulu kunezinhle.
Hawu, umphefumulo wami ukhathazekile yini pho!

(UHAMLET UYEDWA LE IZINCEKU ZIKWENYE INDAWO)

HAM Ehe, sengisi6ekile lesidumbu salendoda kade ngisihosha.

ROS& GUILD: (6ayamemeza) Hamlet! Nkosana Hamlet!

HAM Ngo6ani la6o a6a6iza uHamlet? Yini lo msindo ongaka? Ah yini kanti?

ROSS Siphi isidumbu sika Polonius Nkosana?

HAM Ngisigqi6ele laphaya othulini lapho kungesakhona othulini.

ROSS Siyalele lapho sikhona sifuna ukusiyisa endlini yesonto.

HAM Suka angikholwa yiloko mina uyazisholo nje.

ROSS Ukuthini Nkosana?

HAM Waphu suka uthi ngingakholwa izinto ezishiwo yinina loku nina niyizinceku zenkosi ezênza noma yini eshiwoyo inkosi. La 6eni yini nina? Nina ningamancethencethana ango Vumazonke wenkosi ukuphela into eniyaziyo.

ROSS Nkosana sikhombise isidumbu lapho sikhona esithunywe sona yinkosi sisithathe sisiyise endlini yesonto,6esekuthi wena uze sihambe nawe siye enkosini.

HAM Hambani ni yitshele ukuthi isidumbu sikuyona,kodwa yona ayikho kusona;futhi leyonkosi yenu ngithi kuyona'OKU'.

GUILD Musa ukuse6enzisa izwi lokuyedelela inkosi lokuthi 'OKU'.

HAM Waphu,yini yona leyo ungitshela ngempungushe icashile-

(KWENYE INDLU YASE SIGODLWENI)

(ikhuluma yodwa inkosi)

KING Ehene,sengithumele uku6a alandwe uHamlet noku6a kulethwe isidumbu sika Polonius lapha.Impela uku6a khona kuka Hamlet lapha phakathi kwa6antu kuyingozi!Udinga uma ehlezi phakathi kwethu ahlale ngokucindezelwa ngumthetho o6ophile! Hmn....kodwa iningi la6antu ,iyamthanda kakhulu! Impela 6ekuyisu elihle uku6a ahanjiswe ayiswe kude asuke la pha.......ho nangu u Rosencrantz! Uphi yena?Siphi isidumbu?

ROSS Silapho singenakungena khona khona nkosi isidumbu.

KING Ephi?Uphi yena lomfana?

ROSS Isidumbu sile ngaphandle sibekiwe salindwa nkosi.

KING Mlethe lapha uHamlet phambi kwami.

ROSS Use lapha nkosi,nangu.

KING Eh,Hamlet uphi uPolonius?

HAM Uyadla lowo ukudla kwakhe kwakusihlwa (supper).

KING Yini?Uyadla? Hmn...akenimuzwe!

HAM Cha6o,akadli lapho edla khona udla lapho edliwa khona yena uqo6o lwakhe:Sikhulumanje izi6ungu zihlangene ngaye zi6u6ula phezu kwakhe:Sonke siphilenje sinonela ukunonisa ezinye izi dalwa;nawe uyinkosinje unoniselwa ukunonisa ezinye izidalwa. 6usanje nkosi kodwa zikulindile izimpethu nhla ufayo.

KING Ha6e!ha6e! kodwa uqondeni wena?Ukhulumani? Khipha isidumbu sika Polonius usi6eke lapha!

HAM Hamba uyomfuna eZulwini.

UHAMLET

HAMLET (cont-) Nxa umfuna ngempela ngithike hamba uyomfuna ezulwini; Uma ungamfici eZulwini khona uyomfuna esihogweni. Uma ungamtholi kulezo zindawo zombili mhlawumbe ungase uli zwe ngekhala iphunga lakhe lapho wehla wenyuka esitezi sase Zulwini.(uyabuqa)

KING Ha6e,ha6e uthihi lomfana?wedelela uthini?

HAM Ngithi shesha wenze leyonto engikutshela yona,uzohlala aku lindele.

KING Uya6ona Hamlet ngalesi senzo esi6i osenzileyo udinga udingi swe ngokushesha kokuphazima kweso:Ngithike zilungisele uku 6a uhambe khona manje,umkhumbi wokukuhambisa sewulungile; Lapho uyiswa khona kuse England.

HAM Ephi? eEngland! (ngokumangala)

KING Ye6o!

(ngokufutheka) HAM Ha,ha,ha, kuhle.

KING Uma ukwazi okungaphakathi,nokuqukethwe yilelo lisu.

HAM Kulungile salani kahle.

(USEHAMBILE UHAMLET WAPHUMA INKOSI IKHULUMA YODWA)

KING Kuhle ngo6a incwadi engiyinike izinceku zami ezihamba naye ithi akanele afikenje kwelase England a6ulawe;futhike ngi yazi 6azokwenza loko a6ase England ngo6a siya6ehlula 6akho nzile lapha kithi eDenmark,ngeke nempela ngithi ngishaye umthetho ngiyinkosi enkulu 6awephule,cha!

(KUZWAKALA UMSINDO WOLWANDLE NESITIMELA SAMANZI SIWAKLUBUZA)

HAM Ah! sezilele izinceku zika6a6akazi(King) ezingiyisa e England,akengifunde lencwadi eziyiphetheyo ngi6one ukuthi ithini ngami na?.....ah! ithi anginele ngithi nje chapha ogwini lwase England ngi6ulawe...cha,kungile angisule igama lami ngifake elezinceku lezi zombili ukuze ku6ulawe zona.

KUZWAKALA UMSINDO WOKULWA NESITIMELA SOLWANDLE NAMA PIRATES:

A6ALWAYO: Thelani sinehlulile! Nani thelani futhi! O,ninenkani yifanike! Nani sizoni6ulala!

HAMLET Hawu wa6aleka umkhumbi wakithi! Hey, hey......

KUZWAKALE UMSINDO WOKUTSHUZA KWESITIMELA OLWANDLE

HAM Noma 6angangishiya 6a6aleke kodwa laphaya encwadini a6a yiyisa eEngland a6azi ukuthi ngicime elami igama ngabala e awa6o amagama ukuthi 6aze 6afike 6a6ulawe, a6ahambe 6aya ekufeni 6engazi, noma mina 6engishiya emkhunjini wezigcwe legcwele(pirates) akunani.

INDA6A (1) (ixoxwa yindoda) Izigcwelegcwele lezi ezathumba uHamlet zaqonda ukuthi zithumbe umntane nkosi, zakuzindla ukuthi angase azisize ngelinye ilanga uma zigcweleze za6anjwa ezweni lakhe, zamdedela ogwini oluseduze nase Denmark.
Kwa6a seku6alula ku Hamlet ukufinyelela ekhaya, into eya 6ayimbi ukuthi wathi mhla efika kwakungcwatshwa u Ophe lia intokazi ayeyithanda kakhulu.

INDA6A(2) (ixoxwa yintombazane) U Ophelia lona kwanele kwafa uyise e6ulawa ngu Hamlet ingqondo yakhe yase iyasangana, wa6a yisibedi, wahu6a ama hu6o angafanele ezindaweni ezingafanele, awothando amaga ma awahu6e esontweni nasekungcwa6ebi, kuthi awokungcwa6a awahla6elele ezindaweni okungesiwo awazo, wahamba ekha izimbali, namahlamvu ephana ngako, akhwelele nemithi emi de nemifushane; kwaze kwa6a sengathi ngumuntu owayezalwe ehlanya: Nanguya ngelinye ilanga eyokhwela emthini wom nyezane osemfuleni, obukwini, okwathi lapho esesicingweni sawo kwaph uka igatsha wawela o6ishini lobuku wafa.
UHamlet ke wafika kungumngcwa6o nesililo sika Ophelia ngalo lolosuku kanye.

HAM Uyangi6onela nje Horatio lesiya sixuku esihamba senga thi ngesomnbgcwa6o?

HOR Impela sengathi yiwo kahle umngcwa6o lowaya.

HAM Uma kungumngcwa6o lowaya ngowomuntu othe xaxa ngo6a uyaku6ona uku6oshelwa kwawo; futhike uya6a6ona a6akhulu 6ahamba phambili.

Isiqephu Sesihlanu

# UHAMLET

Episode Five

## UMNGCWA6O KA OPHELIA LAPHA

UMPRISTI Eh, 6andla lenkosi yamakhosi;
Kulomngcwa6o walendodakazi omkhulu kangaka
ngifuna ukuphawula ukuthi ife ngokuzumisa okwesa6ekayo;
Phoke ekufeni sonke siyakhona njengaloku kwashiwo ukuthi:-
Isidumbu siyohlala emhla6athini silinde usuku lokugcina lo
kuvuka kwa6afileyo lapho kuyokhala itilongo empumalanga;
Yena usenguthuli othulini, nomhla6athi emhla6athini.........

LAERTES Wo, wafa udadewethu 6andla, walala emhla6athini;
Walala umzimba kadadewethu omsulwa emhla6athini wethuna-
Sengathi engcwa6eni lakhe kungahluma izimbali ezinhle.
Dadewethu, uyo6a yidlozi elihle ngaso sonke isikhathi.
Lala ngokuthula ingunaphakade.

(SE6ESONDELE O HORATIO NO HAMLET)

HAM Hawu Horatio umngcwa6o ka Ophelia lowaya.
Lalelisa kahle uzwe kahle izinkulumo.

QUEEN Hawu Ophelia, hamba kahle,
Lala no6uhle 6akho;
Lezimbali engizendlala ethuneni lakho ngangithi ngiyokwe
ndlala umbede wakho mhla ushada nendodana yami uHamlet.

LAERTES (ekhala) Ngumuqalekisa ngokuphindwe kathathu lowo lesisenzo esenzeke
nje si6angwe nguye;
Kahleni ukumugqi6a niqede udadewethu ngingakamxhaulisi
ngesami isandla, kuthi ngesikhathi ngimxhaulisa niqulele
umhla6athi phezu kwami uze u6e yinta6a ezongigqi6a ngiha
mbe kanye naye nami ngingcwatshwe naye umntaka 6a6a.

HAM Kanti cha, akekho noma munye lesi sililo esimuthinta nesi
muphatha ka6i enhliziyweni njengami mina Hamlet wase
Denmark.

KULIWE O HAMLET NO LAERTES

LAERTES Wena 6a6ashana! Niyamuzwa uSathane uqo6o lwakhe ehlekisa
ngokufa kuka dadewethu, kanti nguyena lo Hamlet owa6ulala u
6a6a, osekwenze udadewethu wa6ulawa yiloko kusangana noku
hlupheka.

HAM Cha,mngani wami sesiku6onile okwehlakele,manje asibekane nokuzayo.Uthini wena?

HOR Ngiyavuma nkosana.

HAM Umphefumulo wami ukhathazekile,angikwazi nokulala kahle, Ngithi ngilele ku6e sengathi ngilele phakathi kwezinkemba, Ye6o ngiyavuma ukuthi ingomuso lika noma u6ani laziwa ngu Mvelinqangi,kodwake nathi siyathanda uku6a izilokotho zethu esizi6opha sodwa ziphumele,okuthi nxa zingaph umelelanga si6one ukuthi akathandanga uSomandla,noko siyozama siyakhona.

HOR Ye6o nkosana ngiyavuma.

HAM Uya6ona Horatio mngani wami ngaphuma emuphekweni mina.

HOR Wani nkosana?Kanjani?

HAM Mina phela ngangikhishwe nezinceku zenkosi nencwadi eya e England ukuthi angize ngifike ngi6ulawe khona,kwathi emkhu njini zazela zalala mina ngantshontsha izincwadi lezo ngazi vula kahle ngo6unono ngabala ukuthi akuze ku6ulawe zona izi nceku zombili phambili.Inkosi yayithi mina ngizofa imise kanja lo kanti uMvelinqangi akakaf uni nami ngo6a angikamuphindise li u6a6a kuyona inkosi le efuna ukungi6ulala.Esikhundleni so ku6a kunqunywe ikhanda lami kuyonqunywa elezinceku zayo.

HOR Hawu,uthini nkosana?

HAM Impela Horatio! Ngasizwa ngo6a esikhwameni sami kwakukhona isingcifizo sika 6a6a ongasekho so6ukhosi okwathi nxa sengi yiqaqile incwadi nga6uye ngayivala ngayingcifiza ngaso izince ku zangawazi umehluko;wenake sewuyazi manje ngo6a utshelwe yimi mngani wami.

HOR Wo,he 6afa o Guildenstern 6eno Rosencrantz izinceku zom6uso.

HAM Angi6ada6ukeli ngo6a 6a6ewuthanda ka6i lowomsenzi wa6o omu6i.

HOR Kanti yona le nkosi injaninje?

HAM Arha! umuntu wani yena lo owa6ulala u6a6a wathatha umama, wathatha no6ukhosi 6uka 6a6a nom6uso wakhe! Nguye lona owathena wonke amathemba ami,wasongela imoilo yami: Kodwa linye elakhe ilanga futhi alisekude liseduze.

HOR Ngiyasola mina nkosana ukuthi a6ase England 6azoshesha uku6azisa la6a 6akithi ngaleso senzo owasenzayo ngokugula igama lakho ubale elezinceku zenkosi ukuthi azi6ulawe esikhundleni sakho.

HAM Masinyane impela, nami ngiyaku6ona loko.
Inda6a yempilo yomuntu ayisiyo eyokudlala:
Yinye mina Horatio into engizisola ngayo yokuthi ngaphatha ka6ana u Laertes, namike ngangenziwa ukuthukuthela ukuze ngi phoxe umuntu olunge kangaya: Ngiyafisa impela uku6a si6onane naye kengixolise. Usizi lwakhe nami lwangiphatha ka6ana impela.

HOR Akewuthule sengathi ukhona ozayo!

OSRIC Hawu, saku6ona nkosana angikaze ngiku6one seloku wa6uyela lapha kwelase Denmark.

HAM Ho, nami ngiyathokoza ukuku6ona qhawe elikhulu unjani wena? Phela izinto lezi ezihamba ngamanzi ziyashesha, yiko sengilapha nje.

OSR Ha6e, nkosana nginendatshana engithunywe yona yinkosi kuwena, angazi noma ungangivumela yini ngikutshele yona nkosana na?

HAM Kulungile woza nenda6a.

OS Inkosi ithi angizosho kuwena ukuthi ithanda keningowekisane nino Laertes ngezinkemba zenu ngo6a phela uzoqonda ukuthi uLaertes nkosana ungumpetha njengawe kuleli lakithi. Uya6onake lenda6a seyande yonke inda6a ezikhulwini naku6antukazana, ngangoku6a se kubejelwene u6uthaphuthaphu ukuthi kuyohlulwa 6ani kuyonqo6a u6ani na. Inkosi ikubejele wena kakhulu ka6i. Uyavumake nkosana?

HAM Ngiyamazi ukuthi ungumpetha wenkemba u Laertes kodwake angi khathali ngiyayithatha leyonselelo yenkosi. Ngithinje nakula6o ase6ebejile, kuyo6onakala uphondo oluyogo6a ukuphela.

OSR Nkosana ke elami lokugcina ngithi, ngikholwa ukuthi uyaqonda kahle ukuthi uma kuthiwa uyongoweka no Laertes nje uyongoweka nemambane enjani e6uqhaweni na? Angithi?

HAM Ha, ngeke ngamazi uLaertes ngaphezu koki6a ez azi yena ngo6a a mukho umuntu owazi kahle ngomunye-umuntu uzazi yena into ayiyo.

SIYAPHELA ISIQEPHU SESIHLANU:::::::::E N D  E P I S O D E FIVE.

...

J.P.L.

# UHAMLET, INKOSANA YASE DENMARK.

(SHAKESPEARE)

Umdlalo Wokusakazwa Ngomoya

EPISODE NO. SIX(6)...............ISIQEPHU SESITHUPHA.

WRITTEN & ...........................UBALWE
PRODUCED............................WAKHISHWA
By.................................Ngu

K. E. MASINGA.

PERSONS REPRESENTED...............A6ADLALI.

HAMLET, Prince Of Denmark

HORATIO, Friend to Hamlet

CLAUDIUS, King of Denmark

LAERTES, Son to Polonius

Inda6a

GERTRUDE, Queen of Denmark

FORTINBRAS, Prince of Norway

OSRIC, Courtier

English Ambassador

GRADE..................DURATION............

DATE OF BROADCAST AT DURBAN.................1954.

9th. April, 1954.

UHAMLET, INKOSANA YASE DENMARK.

OSRIC Ngempela nkosana ngidinga ukukwazisa ngingakufihleli ukuthi nxa inkosi ithi ngcweka no Laertes nawe u6ozimisela ukuthi uzoqina ngempela ngo6a uLaertes uyayi6amba inkemba akadlali.

HAMLET Ngikutshelile ngathi ngiyamzi uLaert es ukuthi uyayiphosa ngenpela inkemba kodwake nami ngiphekelwa kwethu naye uphekelwa kwa6o amukho oqonda kahle amangwevu omunye phakathi kwethu ngo6a akukhomuntu oqonda omunye njengaloku eziqonda yena.

OSR Ngisho ngo6a nkosana unezikha li eziqotho lowo mufo; Futhike naye unesiqholo sazo, wena udinga ubekane naye umqonda kahle.

HAM Uhlome ngani?

OSR Ngensa6ula yenkemba nesijula sesinqindi.
Futhike yena unesiqholo sokuthi inkosi imethembise ukuthi nxa ekwehlulile uyoklonyelwa ngamahashi ayisithupha imi nyonyovu yodwa; nezinqindi zezijula zase France eziyisithupha nokunye okuhle-ha, ngathi angikhohlwe, kanye namaka lishi acwe6ezelayo enani elihle.

HAM Konke lolo ku6ekelweni uma singcweka njaoo?

OSR Inkosi ibeje ngokuthi uma wena uvumile ukuyithatha lenselelo impela yethemba ukuthi ngeke nagalelana kathathu wena ungangotshwanga.

HAM Iyothini inkosi uma ngiyenqa6a leyonselela yayo?

OSR Wawu, he siyazi yinike nkosana.

HAM Angisho lutho ngithi hamba uyoyitshela inkosi ukuthi ngizo6a lapha kulendlu engikuyo njalonje;
Nxa kukhona insizwa ethanda ukushayana nami ingeza lapha;
Uma inhlanhla ivuma ngoyehlula, kodwa uma ngilandelwe ngamashwa ngohlulwa kuphoxeke mina.

OSR Ngifike ngi6ike kanjalo nkosana na?

HAM Ncwe-

OSR Eh nkosana, 6engiyini mina ngiyinja yakho nje!

LORD Eh, nkosana!

HAMLET Ye6o, ukhala ngani sikhulu?

LORD Ngithunywe yinkosi ukuthi, ithi cha, seyizwile ngo Osric ukuthi uyayivuma inda6a yenselela yenu nino Laertes, manjeke ithi inkosi, vela kuyona laphaya endlunkulu yayo iyoxoxa na we ngalolodaba.

HAM Mina angingabazi ngengikushilo; Uma inkosi 6eyiqotho kuloko ekushilo mina ngikulindele. Khona manje mina ngilindele uku 6a singowekisane ngezinkemba noLaertes angifuni kukhuluma.

KUZWAKALE UMSINDO WA 6ANTU 6EXOKOZELA.

LORD Ha, nkosana lowomsindo ngowenkosi nendlovukazi na6antu a6aha mba na6o.

UZWAKALE USONDELE UMSINDO WANDE..........ucime

HAM Ngithokoza kunjaloke mina ngo6a ukwehla kwa6o kukhomba ukuthi sesizoqhathwa.

LORD Indlovukazi umama wakho ithi ningakadlali nino Laertes oke uthi ukumu6ungaza kancane ukuze umthokozise.

HAM Kulungile.

HORATIO Hawu, nkosana sengathi uzokwehlulwa namhlamje.

HAM Ngeke, ngizonqo6a mina ngo6a angizange ngiyeke ukuhlala ngo kufunda ukulwa ngenkemba se loku yena uLaertes wahamba wa ya e France, angizange ngihlale hleke. Ngizomehlula noma kanj ani; kodwa umoya wami awukhululekilenje ngalokulwa kwethu angazi ukuthi yini, kodwa yize lelo.

HOR Kuhle nkosana uma uzizwa kahle.

HAM Waphu', ukubuqa nje konke loku, kazi kwenziwelani: ukusizakala ngeze njenga6antu 6esifazane.

HOR Uma u6ona nkosana ukuthi umoya wakho awukhululekile ngalo mngoweko wenu yisho ngenze isu lokuwuyekisa, ngo6a kulula uku6a usho uthi awuwulungele.

HAM Hawu, cha, okwenzekayo akwenzeke manje ngo6a nanini 6ekovele kwenzeke.

Isiqephu Sesithupha

(3)

UHAMLET.

Episode Six

KING Woza Hamlet, wozani nixhawulisane lapha kimina ningakangcwe ki, 6ambanani izandla ngaphambi kwami.

HAM Ye6o nkosi, ngiyaxolisa ngokuhlanya kwami oku6onakala senga thi- kukhona amagqutshana enginawo no Laertes kanti cha.

LAERT Cha, nami Hamlet anginamagqu6u nawe, khululeka.

HAM Lethani izinkemba si6one esingakwenza masinyane.

LAERT Nami ngiphoseleni enye inkemba.

HAM Ngiyazi ukuthi uzokhanya njengezinkanyezi kulokungcweka.

LAERT Uyangibuqa.

HAM Cha, cha, cha.

KING 6anike izinkemba Osric-Hamlet ngethemba ukuthi uyazi izimiso.

HAM Ye6o nkosi; kodwa amandla ethu akalingani nezimiso.

KING Akusilutho loko ngo6a mina ngiyanazi no6a6ili amandla enu.

LAERT Hawu yini ku6e sengathi iyasinda nje le eyami inkemba?

HAM Mina ingilungele le eyami angesa6i lutho.

OSR Kulungile nkosana.

KING 6ekani itafula lapha nilideke ngezingilazi zika gologo ukuze kuthi lapho uHamlet egadla kuze ku6e kathathu ephu melela siphuze sigome impilo yakhe .

INDA6A Inkosi lena yenza konke lokunje yona iyazi ukuthi yenze amaqhinga oku6ulala uHamlet ngo6a yayimzonda, yathi ukusuka yayinika u Laertes inkemba enesihlungu esi6i esihlokweni ukuze ithi noma imuthunte kancanenje u Hamlet afe noma enqo6ile kanti u Hamlet unikwe inkembanje elulana enga thakathiwe. UHamlet lona inkosi ishaya sengathi iyamu6ungaza nje iyamubuqa yenza ngo6a yazi ukuthi iyamuvalelis a ngo6a ez ofa ija6ule.

Konke ukushaya sengathi uHamlet iyamthanda inkosi yayimkho hlisa imubuqa ngo6a yayikholwa ukuthi uzofa.

KING Nonke zikhulu nani 6ahluleli 6alomdlalo ngithi, phakamisani izingilazi zenu ziphuzele impilo ka Hamlet iqhawe!

Nani 6ahlululi bekani ngawo oma6ili amehlo nithi njo!

Isiqephu sesithupha

INDA6A Kulomdlalo wokungcweka ngezinkemba yila6a 6afana kwaku6eke lwenwe ngezimali nangezimpahla eziningi ezinkulu kakhulu ngo6a o Hamlet 6eno Laertes 6a6aziwa ngokushaya izinkemba. Engazindlekele lutho uHamlet nje kanti uLaertes ucosha inke mba ebecwe ngomuthi o6ulalayo esihlokweni, loku phela kwenzi we nguyisekazi ka Hamlet ngo6a emzonda efuna uku6a afe adle kahle u6ukhosi engajeqezi.

Ekuqaleni uLaertes washaya sengathi uyahlulwa ngu Hamlet wangamgwazi enzela khona ezolutheka.

KING (iyabuqa) He, he, he hlokomani nonke 6antu 6ami uHamlet uzophumelela!

A6ANTU (6ehlokoma) Hule-hule-hule-he!he!he!

KING Chathazani utshwala niphuze nimemeze egameni lempilo ende ka Hamlet-hule!hule!hule!

A6ANTU Ahe!Ahe!Ahe!Ahe!

INDA6A Inkosi yayi6eke eceleni inde6e igcwele iwayini elihle elali noshevu o6ulalayo ukuze kuthi lapho u Hamlet eseshisa ejulu kile anikwe yona ayiphuze afe ja yilowoshevu, ukuze inkosi i6eneqiniso lokuthi uma wayesinde enkembeni enesihlungu wa yengeke asinda kushevu.

Kwathi lapho se6engenelene okwesi6ili manje waboka ngempela uLaertes wahla6a uHamlet ngenkemba enesihlungu sikama6ulala womuthi.

O LAERTES NO HAMLET 6AYALWA, KUZWAKALA INKEMBA IKHALA

HAM Yivume nanso

IZIXUKU......Hey, hey, hey Hamlet, Hamlet!

LAERT Nami ngizwe lapho nanso.

IZIXUKU.......Wo, wo!wo!wo! Laertes, Laertes!

(UMSINDO OMKHULU WEZIXUKU EZITHANDA UHAMLET NEZITHANDA U LAERTES)

He, he, he, he, he " "

IZWI LOWESIFAZANE
UQUEEN..............MA YE!MA YE! Ngaphuza Ushevu! Ngafa we Mano!

HAM

Ha, kanti inkemba yakho inesihlungu esi6ulalayo, awuthi ngi yifake kuwena sife kanyekanye okungenani.

IZIXUKU: Hawuuu! wamqedela(2) 6azofa 6o6a6ili(3) Nakanjani.

UHAMLET.

KING Hayi,hayi 6ahlukaniseni!Nampa 6e6ulalana!

HAM Asingahlukaniswa sidedeleni.Ngiyekeni ngimu6ulale ngenkemba yakhe efakwe umuthi o6ekuqondwe uku6a u6ulale mina ngedwa.

OSRIC Akenibeke nansi iNkosikazi yenkosi ifa iphuze iwayini elino shevu!

HORATIO 6ayopha 6o6a6ili 6athi gxi o Laertes 6eno Hamlet.

OSRIC Hawu kunjani Laertes?

LAERT Hawu,ngifana nomuntu ozidlise ngowakhe umuthi mfowethu ngo 6a ngiphendukelwe u6u6i 6ami.

HAM Unjani umama indlovukazi?

KING Ukuni6one nopha kuyamqalekisa ka6i.

QUEEN Hawuuu! mfana wami Hamlet--ushevu--ushevu--ushevu-ngidlisiwe-ngidlisiwe.Leliya wayini engiliphuzile 6elinoshevu ngaliphu za yilo elingi6ulalayo--liyangijuqa amathumbu--ha,he.hhhhhh! (afe)

HAM Awuzwe imise6enzi yokukhohlakala yo6uthakathi,yo6uqili o6u6u lalayo!Ngu6ani lomthakathi onje lapha?Valani iminyango si6o ne kahle.

LAERTES (ngezwi lokufa) Hamlet,Hamlet:Nawe ngeke usaphila,sewunjengofile we na qo6o lwakho;

Akukho muthi lapha emhla6eni wonke ong akwelapha wena;

Futhi awusenaso nesikhathi esiyimizuzu engamashumi amathathu uphila lapha emhla6eni,uzofa nomanini kusukela manjenjenje-Leso sikhali osihlwithe kimina,engikukhu6aze ngaso,nawe wa ngogwaza ngaso,sinomuthi oyisihlungu esi6ulalayo ngokushe sha esingeke selashwa muntu lapha emhla6eni.Ngiyazisola ngokukuhla6a ngaso ngiyafa ngixolele;unyoko udliswe ngoshe vu owawuqonde wena yiNkosi,kodwa unyoko wawuphuza ngesipho siso wafa....angisenamandla okukhuluma...umuntu owenze konke loku yiNkosi umfowa6o kayihlo nangu ngo6a efuna kufe wena... Ah.h.h.h.h.h.h.nggaffff...fa,ngafa...ngixo....eh..lele.

HAM (ngolaka) Nayo inkosi ayife....awuzweke ngayigwaza ngenkemba enesihlu ngu sayo,awuzwake.Namhla ngiziphindisele ngoku6ulala kwakho u6a6a wathatha uma umkhakhe nomqhele wo6ukhosi 6uka 6a6a.

UHAMLET.

HAMLET Yizwa inkemba oyifake oshevu 6okusi6ulala

(INKOSI IYAGQUMA IYAKHALA IYAFA )

Ngilamuleleni 6antu 6ami naku ngifa we 6a6o!

(INKOSI IYAGQUMA IYAFA)

HAM Sihlungu so6uthakathi,yidla umnini wakho okuthakile.

OSRIC &LORDS: We 6a6o! Lamulani yafa inkosi! Yafa inkosi.Yicala leli!

HAM Ah,nasi isiceke sesichi6i sika shevu esisele kuMama ewuphu za,o6ewuthi uzophuzwa yimina ngife,siphuze wena lesiceke sohke ufe sikubekile u6ulawa umuthi wakho:

Wena uyi Dane eli6i elikhohlakele,uyisiphingi uqo6o lwaso,

Phuza nanku ushevu wakho ufe ulandele umama no 6a6a!

izwi lika LAERTES Inkosi lena ifa ifanele ngempela ingumuntu omu6i;

Loshevu nalesihlungu esiqeda a6antu sasithakwe nguye;

Asixolelane Hamlet qhawe;

Nami ngiyakuxolela ngoku6ulala u6a6a;

Asife njengamaqhawe so6a6ili sixolelene Hamlet!

HAM IZULU ELIPHEZULU alisixolele so6a6ili,alemukele ukuxolelana kwethu;

Horatio,sihlo6o,hawu,cha sengiyafa ngempela salakahle-

Hmn,ake ulibeke idlakadlaka elingu mame nalo liyafa,umenzi wezinto omu6i;

Uma 6engoke ngi6e nalo ithu6a 6engiyoyixoxela amagwa6a6a echo 6ana lenda6a;phoke Horatio ukufa kuyasigcina isikhathi,nami u6onanje sekusigcinile isikhathi soku6a kungithathe ngaso, ngithike Horatio-lenda6a ngiyishiyela kuwena ukuze uyixoxe kahle isi6ili njengaloku injalo ungachezuki.

(NGELOKUFA NYA)

S...aa..l.l.l.a kahle Ho...ra..tio.hmn...hmn-(wafa)

(ATHI PHAKA A KHULUME NGELOKUFA)

HAM Horatio,Haratio ngiphe amanzi....ngiyafa mngani wami,kuningi a6antu a6ayosala 6athande ukukuzwa ngempilo yami,ngithike wena thembisa ukuthi uyo6axoxela ngokufanele.

HOR Ngiyo6axoxela kahle Hamlet mngani wami,hamba kahle inkosi ne Zulu kukwamukele kahle.

KUZWAKALA UKUGUBA KWEZIGUBU ZAMABUTHO(Military March Music)
KUYA NGOKUSONDELA KUKHULA:

IZWI LIKA HAMLET OFILE:.........Umsindo wami lowo osengathi ngowama6utho empi?

OSRIC Ah! wezwakala umsindo wama6utho aka Fortinbras ophuma e Poland! Kuso6ala ukuth i unqo6ile ngo6a nako uza uguba.

UKHULE UMSINDO WOKUGUBA(military March)

IZWI LIKA HAM OFILE: Ah! Horatio sengifile impela!
Isihlungu esingingenile sesingiqedile nya:
Angisaphilanga ukuzwa izinda6a zase England;
Kodwa hiya ngimethembile uFortinbras-nize nimxoxele konke kahle ,O,Horatio!

(uHoratio unesizungu sika Hamlet-

HORATIO: Wo! he,Zafa izinsizwa wafa Hamlet iqhawe elikhulu!
Ukufa kwakho sengathi impela kuziqedile izinsizwa ezweni;
Awu,he,wafa nkosana elungileyo!
Sengathi neZULU neZingelosi zalo kungakuvulela indlela enhle,e6anzi,emhlophe nelungileyo!
Sengathiumphefumulo wakho unga6a sekuphumuleni okungunapha de kwe ZULU!
Hawu,lowo msindo wezigubu namatilongo wasondela nje yini?

UKHULE UCIME UMSINDO WAMATILONGO

FORTNIBRAS: Hawu,yini yonke le ncakancaka yezidumbu kangaka lapha?
Hawu,yidili lokufa kwa6antu kanyeekanye,ngisho namakhosana mbala?Yini? Hawu! namakhosi pho!

AMBASSODR: Zimbi izinda6a zimbi ngempela;
Okufike kuziqedele nya u6u6i ukuthi la6o a6afanele uku phendula lowomu6uzo wakho yi6o la6a o6a6uza ukuthi 6a6ule wenje kwenzenjani:Nezinda6a lezo zokuthi 6afa ngomyalezo wayo inkosi oRosencrantz 6eno Guildenstern naku sezifika nayo seyi yisigingqane sesidumbu.
Pho sisa zothi we 6ani,asa6elephi?

Isiqephu Sesithupha  Episode Six.

UHAMLET.

HORATIO: Kantike cha,maqhawe,ngisho uku6a e6esaphila uClaudius inkosi yase Denmark u6engeke ani6onga ngesenzo sokuбulala oRosencrants 6eno Guildenstern ngo6a yinda6a angazange aya zi nangazange ayihlose nanini nanini:

Nina ngo6a niyafika futhi ni6akhulu nifikela phezu kwalenhla kalala yokufa kwa6antu-izidumbu zithe dlikilili,ngithi fi hlani lezidumbu kuqala ningakayi6uzi inda6a yokuthi zigi ngqike nje kwenzenjani na:

Kuzothi emva kwaloko nizwe kahle ngoku6ulawa okunonya, oku6i,okunenkanuko yoku6ulala nokukhipha imiphefumulo engenacala ukuthi kwehlakala kanjani.

Yimi engizonixoxela,okwathiwa a6oxoxa ngokuthi kwa6akanjani ukufa ngo6uqili kwezinye zalezidumbu ezilapha.

Nina lungiselani ukugqitshwa kwalezi zidumbu emva kwaloko ngizonixoxela yonke inda6a ngesiminya esicwe6ileyo nesikho lakele.

FORTINBRAS Eh,ye6o ngiyezwa konke loko okushoyo kodwake ngithi wena woza nenda6a;

Lezo zinda6a zokufa kwalomuzi kimina oyinkosana yase Norway zimbi zinhle-zinenhlanhla ngo6a ngineso e6ukhosini 6alapha: Manjeke selivele ngempela ilungelo lami kulo6ukhosi.

HOR Ngizokhuluma nangaloko futhi:

Okwamanje akwenziwe loku osekuvele kungaze kuvele okunye.

FORT Ngithi akuphume izinsizwa ezine ezingamagosa ama6utho zithwale isidumbu sika Hamlet ayongcwatshwa njengeqhawe; UHamlet lona akungakhohlakali ukuthi wayeyinkosana yase ndlunkulu eyayiqondene ngqo no6ukhosi-

Ngesikhathi nimuyisa emangcwa6eni akushaywe amatilongo ne zigubu zo6uqhawe njengaloku kusuke kungcwatshwa iqhawe eli khulu.

HOR Wo,wafa Hamlet,nkosana eyayithandeka kakhulu ku6antu 6onke. Ukutho6a kwakho kwakhwenza wathandwa nga6antu 6onke. Futhi uku6a awufanga wawuzo6a yinkosi ephelele nethandekayo yase Denmark.

END EPISODE SIX------END OF PLAY........8/4/54.